


UKUQINISEKISWA KOKUTHUNYWA

 Ningahlala phansi. Kungukuthi, ngithatheke kakhulu, ngokulalela ubufakazi, ngaze ngakhohlwa ukunaka isixuku. Ngijabule kakhulu ukuba lapha kulobu busuku enkonzweni yeNkosi, ukuhlangana noMfowethu O'Donnell. Futhi bengikubuka lokhu, nginika lezo zibonakaliso izithulu nezimungulu.

² Futhi umfowethu ubengitshela, inenekazi ngobunye ubusuku elalisesihlalweni esinamasondo, elalinomdlavuzo omkhulu kulo, lokho *kanjalo*, ukuthi laphulukiswa ngokuyisimangaliso laze laphuma esihlalweni esinamasondo umdlavuzo awusekho, nokuba nesikhathi esimnandi nje. Futhi ngabonga kakhulu lokho.

³ Kuhle ukuba lapha kulobubusuku, Mfowethu O'Donnell, nakuleli bandla elihle labantu. Phezulu lapha e . . .

⁴ Ingabe le yiTempe noma iMesa? [Umfowethu uthi, "Tempe."—Umhl.] ITempe. ITempe. Futhi manje konke sekukhulile, ngakho-ke, ngalapha, selokhu ngangikulelizwe, cishe eminyakeni engamashumi amathathu nanhlanu edlule, ngize ngingabe ngisayazi le ndawo.

⁵ Futhi kumnandi ngempela ukuba sendlini yeNkosi. Ngenkathi ngingena, i—intombazanyana yema lapho, okunguNkosazana O'Donnell omncane, ne—nencane . . . amanye amantombazanyana amabili, futhi ubekhuluma nami emnyango. Futhi—futhi ngathi, "Bangitshela ukuthi kuzobanda qa namhlanje ebusuku lapha." Ngathi, "Nina baseningizimu ngokubanda qa ezansi lapha." Ngakho-ke elinye inenekazi elincane labuka elinye, lathi, awu, wayengowase-Iowa, kanti ilinye lathi wayengowaseMinnesota. Futhi ngathi . . .

⁶ Ngaphambi kwalokho, ngathi, "Ngenkathi ngihamba ekhaya kwakuyishumi nane ngaphansi kuka-zero." Le ntombazanyana evela e-Iowa, noma eMinnesota, eyodwa, yathi, awu, kwakungamashumi amahlanu nambili ngaphansi ngenkathi lihamba. Ngithola ukuthi, ngangingowaseningizimu. Amashumi amahlanu nambili ngaphansi. Singakuthola lokho ezweni lami, sizogodola ngempela. Amashumi amahlanu nambili ngaphansi, lolohlobo lokubanda, akunjalo, kubanda kangako na?

⁷ Manje, sithatha lokhu njengenhlanhla enkulu ukuba lapha kanye nani, kulobubusuku, ngalesi sikhathi senhlanganyelo ngaphambi nje kwengqungquthela yeBusiness Men. Lokho, ingqungquthela izoqala ngalolu Lwesine oluzayo, ezansi eRamada. Kuku-East Van Buren Street. Futhi ngempela sinimema nonke ezansi. Kuzoba nezikhulumi ezimangalisayo

engqungqutheleni. Futhi uMfowethu Velmer Gardner ungomunye engaziyo ngaye, bese-ke ngicabanga ukuthi banabanye bosomabhizinisi abazokhuluma. Futhi ngi—ngikholwa ukuthi uJim Brown ubengomunye wabo, noDkt. Reed, futhi, kusobala, uMfowethu Rose uhlala ekhona, uMfowethu Osteen waseTexas.

⁸ Futhi ngakho-ke ngineqiniso lokuthi nizoba nesikhathi esihle sokuza ezansi lapho. Sixhuxhuma ngempela, ngokulinda le ngqungquthela. Sethemba ukuthi kuzoba sengathi kwakungesinye isikhathi, kukukhulu kakhulu kuphela. Futhi khumbulani, kufike oyedwa, wozani nonke. Wonke umuntu umeniyiwe.

⁹ Bese kuthi-ke, uma kuyintando yeNkosi, ngicabanga ukuthi nginesikhathi esincane esibekelwe eceleni ukuthi bazongivumela ngizame ukukhuluma ngaso futhi e—ekudleni kwasekuseni ngoMgqibelo ekuseni, ngiyacabanga, futhi umhlangano ngeSonto ntambama, okungukuthi, uma iNkosi ithanda. Futhi ngakho-ke ngibona lokho kuyinhlanhla enkulu, ukuthi ngime nalawo madoda amakhulu futhi—futhi nginikeze ubufakazi eNkosini, ngeNkosi, njalo.

¹⁰ Futhi ngiyakhuleka ukuthi uNkulunkulu uzombusisa uMfowethu O'Donnell lapha, naleli qembu elihle lamaKristu lapha, eligogobele, lilinde eNkosini. Ngokuba, impela, singabagogobali. Singabahambi nezihambi. Leli akulona ikhaya lethu. “Kodwa sifuna uMuzi oMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu.” Futhi singabagogobali nje. Asisilo...Leli akulona ikhaya lethu. Simane sidlula ngalendlela nje. Futhi kunikeza inhlanhla enkulu kakhulu.

¹¹ Mhlawumbe uma ngizobeka lokhu *ngalendlela*, mfowethu. [UMfowethu Branham ulungisa imayikrofoni—Umhl.] Kunikeza inhlanhla enjalo. Ingabe lokho kungcono na? E-hhe.

¹² Kuyinhlanhla enkulu kakhulu ukuba lapha, ukubeka kulesi sikhathi senhlanganyelo kanye nani maKristu amangalisayo. Futhi lapho ngizwa ukuthi nginikezwe inhlanhla yalaba bantu abehlukene, amabandla abekade enayo, ebengivumela ukuba ngikhulume kuwo, ngaphambi nje kwengqungquthela, ngicabangile, “Isikhathi esihle kakhulu ukuzwakalisa ukuthakasela kwethu ukuthi kanjani lezi zinhlangano ezehlukene ezibambisene ngayo ezikhathini ezedlule, kumamishini ami emhlabeni wonke; i-Assemblies of God, i-Foursquare, iJesus Name, iChurch of God, kanye nabaningi, kanye nabazimele emhlabeni jikelele, bonke bengena njengoyedwa, nasenkazimulweni kaNkulunkulu.” Futhi uNkulunkulu ubekade enza izinto ezithile ezinhle phakathi kwabo, futhi siyabonga. Futhi-ke ukubuyela lapho esingaveza khona imicabango yethu—yethu nenhlanganyelo yethu.

¹³ Futhi njengoba bengicaphuna izolo ebusuku, ngapha eFellowship Tabernacle lapho besinenkonzo khona; futhi nganginomngane wakudala, uMfowethu Bosworth. Abaningi benu bayamkhumbula uMfowethu Bosworth. Futhi wayevame ukungitshela, wathi, “Mfowethu Branham, uyazi ukuthi yini inhlanganyelo na?”

Ngathi, “Ngicabanga kanjalo, Mfowethu Bosworth.”

¹⁴ Wathi, “Ngabafo ababili emkhunjini owodwa.” Ngakho-ke, yebo, wayenamancoko. Futhi ngangikuthanda njalo lokho, “Abafo ababili emkhunjini owodwa.” Ngakho-ke, njalo, ingubo ilula kancane ukusiza omunye umufo, uyazi, futhi lokho kuhle kakhulu.

¹⁵ Manje, ngiyethemba ngempela ukuthi nizongikhulekela. Futhi mina, lokhu namhlanje, ngithumele indodana yami phezulu esikhashaneni esedlule ukubheka ukuthi ngabe ukhona yini umuntu ofuna ukukhulekelwa. Angizelanga ngempela ukuba nezinkonzo zokuphulukisa, ukuze nje, o, ukukhuluma. Noma ngubani uyazi ukuthi angisiye umshumayeli, owake wangizwa. Kepha angifundile, futhi angikwazi ukushumayela. Kodwa ngi—ngivame ukukhulekela abagulayo. Futhi—futhi eza, imvamisa abantu bahlangana ukuze bakhulekelwe. Kusobala, baningi kakhulu abantu abagulayo. Kodwa ngeSonto angishongo lutho ngakho-ke, ngoba ngangizobiza abantu bakwamanye amabandla, ukuba beze kulamabandla athile engangizoba kuwo ngeSonto, ukuzokhulekelwa, futhi ngacabanga ukuthi kungalimaza amanye amabandla, ngakho-ke ngikuyekele nje.

¹⁶ Manje, izolo ebusuku ngimemezele ukuthi kulobubusuku sizokhulekela abagulayo phezulu lapha. Futhi uma uNkulunkulu evuma, mhlawumbe kusasa ebusuku noma ubusuku obulandelayo, okukodwa, sikhulekele abagulayo futhi. Ngakho-ke ngiyethemba ukuthi kuzolunga, ukuthi iNkosi izophulukisa wonke umuntu ogulayo lapha kulobubusuku.

¹⁷ Futhi ngiyakutshela, mngani wami othandekayo, ngaphezu kwakho konke, ngiyethemba ukuthi abaguliswa isono bazolulama kulobubusuku. Niyabo? Uma iNkosi ikuphulukisa ekuguleni kwakho, mhlawumbe nizo, uma uphila nganoma yisiphi isikhathi, uzogula futhi. Niyabo? Kodwa ukuPhila okuPhakade yilokho esikufunayo kanjalo, kunjalo, ngokuba lokho—lokho kuyikhambi langempela. Futhi ngiyethemba uma kukhona umuntu lapha ongakholwa kuKristu, uzoba yikholwa kulobubusuku.

¹⁸ Futhi uma ulapha futhi ungazalwanga kabusha, noma wamukela uMoya oNgcwele, wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, ngiyethemba ukuthi lobu kuzoba ubusuku ukuthi lokho kuzokwenzeka.

¹⁹ Uma ungumhlubuki, ngiyethemba ukuthi iNkosi uJesu izokwenza okuthile okungokoqobo kulobubusuku, kuwe lapha, futhi ifudumalise—ifudumalise inhliziyo yakho ngaleyo ndlela, ubuyele nje enhlanganyelweni yaYo futhi, ngoba Ilindile, ngezingalo ezeluliwe, linda.

²⁰ Ngashumayela eminyakeni ethile eyedlule ngentshumayelo encane ngesinye isikhathi, ngale ethempelini i-Angelus, ngenkathi babenejubili lepentekoste, iminyaka engamashumi amahlanu ejubili. Ngiyabukhumbula ubusuku bokuqala, ukuthi ngashumayela ubungwele, engikholelwa kubo. Futhi ngangahlosile empeleni ukuba, kodwa, niyazi, nje ukusika abantu, futhi indlela abantu abadede ngayo epentekoste yasekuqaleni. Njengalapho, ukuqala kokuqala, ngenkathi kwehla uMoya oNgwele, ukuthi labo bantu bayiphila kanjani impilo, abakwenzayo, eminyakeni engamashumi amahlanu edlule!

²¹ Ngathi, “O, sisuka ezindleleni ezikude. Sinezinhlango ezinkulu kusukela lapho, izakhiwo ezinkulu ezinhle, nabashumayeli abapholishwe kakhulu.” Ngathi, “Angazi noma sisenaso yini isibusiso sepentekoste esasinaso ngaleyonkathi na?” Niyabo? Niyabo? Ngathi, “Bekuvamisile ukuthi, odadewethu—wethu bebeyoza endlini yokukhonzela, kwakuyihlazo ukuthi omunye wabo abe nezinwele ezimfishane, azipende, noma into efana naleyo. Kodwa, lokho, bathi ukwehlisa imigoqo ndawana thize.”

²² Futhi ngakho-ke kwakukhona umngane wami, okungukuthi, ungumfowethu wepentekoste futhi, futhi abanengi benu bangamazi. Igama lakhe nguWilliam Booth-Clibborn. Awu, abanengi benu bayamazi.

²³ Futhi uMfowethu Booth ungumngane wami wesifuba, kuphela asivumelani ngezimfundiso, ngoba ungu—umcabangi wabakaCalvin aze acabange ngaphezu kwami. Ngakho-ke ngingacabanga kuphela ngobuCalvin inqobo nje uma kuhlala eBhayibhelini. Niyabo? Bese kuthi-ke uma kuphuma lapho, kudlula ukucabanga kwami; angisakwazi ukucabanga.

²⁴ Ngakho-ke ngimbone emsamo. Ngakho-ke ngenkathi sisuka emsamo, wahlangana nami phandle lapho, futhi wangibuka. Wathi, “Chi, chi, chi, chi, chi. Ngiyakudabukela. Umlayezo onjalo wabagcina umthetho. Wazi kangcono kunalokho.” Wavele nje wangidabula wonke, uyazi.

²⁵ Futhi ngakusasa ngashumayela ngokuthi *IWundlu NeJuba*. Futhi ngakho-ke iNkosi ibusise ngempela umlayezo omncane, omdala ophukile. Futhi ngenkathi ngiphuma, wayesula amehlo akhe, uyazi. Wathi, “Bekukuhle, kepha kulula kakhulu.” Kulula kakhulu! Ngathi... “Bekulungile,” washo, “kodwa bekulula kakhulu.” Wayenjalo... Wayengashumayela ngezilwimi eziyisikhombisa, niyazi, ngakho-ke inkulumo yami encane

yaseKentucky yayilula kakhulu kuye. Akumangalisi, iBest Manners ibingeke imthinte ndawo, uyabo.

²⁶ Ngakho-ke leyo yindlela engifanele ngikhulume ngayo: elula. Ngikhulwa ukuthi iVangeli lilula. IBhayibheli lathi, “Kulula kakhulu ukuthi isiwula singaphambuki.” Niyabo? Ngakho-ke nje—nje konke okumele ukwenze ukukhumbula u-ABC. Uyazi ukuthi lokho kumeleni na? Kholwa UKristu Njalo. Yilokho kuphela ofanele ukwenze. Lokho kuyakuxazulula. ABC, futhi ufundiswe ngokuphelele, ngokwazi kwami.

²⁷ Ngakho, manje, kunabantu abamile, futhi ngiyakuthakase. Futhi manje angikaze ngize—ukuzoshumayela. Ngizokhulekela abagulayo. Kepha, ukuthola isizinda esincane, ngikhulume ngemiBhalo.

²⁸ Ngicabanga ukuthi ngike ngashumayela ngazikhandla nya, ngokunye ukusa, kwaMfowethu Fuller. Ngabiza iLife Tabernacle, noma okuthize. [Umfowethu uthi, “IFaith Tabernakele.”—Umhl.] IFaith Tabernakele, ngicabanga ukuthi ngiyibambe ngobunye ubusuku. Ngingakafiki ebandleni, umelusi noma omunye umuntu wayengithumelele izwi, wathi, “Awusho, laba bantu bathanda ukuhamba beyolala ebusuku.” Ngakho-ke angivamile ukushumayela ngaphezu kwamahora ayisithupha noma ayisishiyagalombili, ngakho-ke angikaze ngibe ngaphezu kwalokho. Ngakho-ke, ngale kwaMfowethu Outlaw, ngobunye ubusuku, ngangicabanga ukuthi wayezocishe angikhiphe epulpiti. Ngakho-ke kungcono ngikuthathe kalula kulobubusuku, phezulu le lapha, nabanye benu abeza kude kakhulu.

²⁹ Manje, kuhle ukuba lapha. Futhi ngaphambi kokuba sisondele eZwini manje, ake sikhulume noMqambi.

³⁰ Omunye wathi, kungekudala, ngangiseFort Wayne Gospel Tabernacle, B.E. Rediger. Wayengumuntu omkhulu kaNkulunkulu, owafa eminyakeni eyedlule, ukuthi iNkosi yambusisa ngempela lowomfowabo. Wayeyindoda enamandla yokholo. Ngangisengumfana omncane, ngangijwayele ukuhlala noPaul Rader lapho, futhi nje ngingumfundisi osemncane.

³¹ Kwase kuthi-ke indodakazi kaMfowethu Rediger yasangana, yahlanya. Ngelinye ilanga wayengemuva eshedini lami lamalahle ezansi lapho, ngolunye usuku ekuseni kwePhasika. Futhi bangitshela, “Intombazane ethile ehlangayo, emuva lapho ebandleni.” Futhi ngisanda kuphuma emkhankasweni. Ngabuyela lapho, ngathola ukuthi kwakuyindodakazi ka B. E. Rediger, noDade Rediger, behleli lapho. Inhliziyo yami yathi ukungehlulekisa.

³² Futhi yayimi lapho, ikama izinwele zayo ezinde ezinhle ngeminwe yayo, impompoloza, “UTiki wotiki. UPeni wopeni.” Intombi enhle. Ngenkathi . . .

³³ Ngaguqa phansi lapho, ngathi, “Nkosi Jesu, yiba nomusa kuyo.” Kwaba yilokho-ke. Ishadile futhi inabantwana ababili noma abathathu manje, kulungile nje. Niyabo? Futhi umusa onjalo, futhi kalula.

³⁴ Si—sibheka nje indlela yokuphuma futhi sifinyelele ngaphezulu kwaKhe, ngokuthembeka, sizama ukuthola okulungile okusondele kakhulu kithi kanjalo. Thina, kalula nje; kholwa; yiba nokukholwa; ungangabazi.

³⁵ Ngangibambe umhlangano lapho. Ngiyamkhohlwa umzalwane wePentekoste ophethe itabernakele manje. Futhi nganginomhlangano lapho. Futhi kwakukhona leliculo, *Kholwa kuphela*, labhalwa nguPaul Rader. Futhi wayemKristu omuhle kakhulu nesithunywa esikhulu sosuku lwakhe. Ngangihleli egumbini lokufundela elincane. Futhi babecula, benzela mina ukuba ngize emsamo, ngalelo; abanakho, emhlabeni jikelele. Futhi ngi—ngangihleli lapho, futhi ngazi ukuthi khona kanye kuleso sifundo esifanayo lapho uPawulu athola khona ukuphefumulelwa kokubhala iculo. Futhi nanti lingena, *Kholwa Kuphela*. O, lokho nje kuvuthise inhliziyi yami!

³⁶ Ngemuva kokuphela kwenkonzo, kwaba nezinto eziningi ezinhle ezenziwe yiNkosi yethu uJesu emhlanganweni. Ngabuyela emuva ngalapho, ngaseceleni kwendawo, futhi ngangilindile.

Futhi kwakukhona indoda eyangena. Yathi, “Mnu. Branham?”

Ngase ngithi, “Yebo, mnumzane.”

³⁷ Wathi, “Ngiyathanda ukukuzwa ukhuluma, kodwa,” wathi, “ukubhalwa nokufundwa kwakho kolimi kubi kakhulu.”

Ngathi, “Yebo, mnumzane. Ngiyakwazi lokho.”

Wathi, “Usho ezinye zezinto ezimbi kakhulu.”

³⁸ Ngathi, “Yebo, mnumzane. Kunjalo.” Ngathi, “Angitholanga ithuba lokuthola imfundo.” Ngathi, “Ngikhuliswe emndenini wabayishumi. Abazali abampofu, nami bekufanele ngiye emsebenzini singakashayi isikhathi, ukusiza ukunakekela lo mndeni. Angizange ngithole ngisho nemfundo yasesikoleni yokufunda nokubhalwa kolimi.”

Wathi, “Akuzona izaba manje. Uyindoda.”

³⁹ Ngathi, “Awu, ngimatasa kakhulu nomsebenzi weNkosi manje, anginathuba.”

⁴⁰ Wathi, “Namanje, ungafundela ekhaya.” Wathi, “Manje, ngokwesibonelo nje, kulobubusuku, phandle lapho, uthe, ‘Nonke nina bantu nidlula kuleli pulpiti.’”

⁴¹ Ngathi, “Awu?” Bengingazi okuhlukile. Ngathi, “Akusikho lokho okuyikho na?”

42 “Impela akusikho.” Uthi, “Ufanele ngabe uthe ‘pulpiti.’” Ngathi... Wathi, “Wena...”

43 Ngathi, “Awu, kulungile.” Ngabe kukhona okuthile engingakuphumuselanga ngokuyikho, noma okuthize.

Wathi, “Awu, awulazi nje iBhayibheli lakho.”

44 Ngathi, “Awu, lokho—lokho kungaba njalo, kodwa ngimazi kahle uMqambi.” Ngathi, “Yilokho-ke.”

45 Uyazi, Alisho ukuthi, “Ukwazi iNcwadi yaKhe.” Kodwa, “Ukwazi Yena kungukuPhila.” Niyabo? USathane uyalazi iZwi laKhe. Kodwa, “Ukwazi Yena, uMqambi weZwi,” niyabo.

46 Singakhothamisa amakhanda ethu manje ngenkathi sisakhuluma naYe ngendlela yethu ethobekile. Manje, amakhanda ethu ekhotheme, izinhliziyi zethu, kanye nakho, ingabe kukhona isicelo esikhethekile ongathanda ukuthi sikukhumbule ngaso na? Phakamisela isandla sakho kuNkulunkulu. Vele ubeke enhliziyweni yakho isicelo sakho, uthi, “Nkosi, ngidinga insindiso. Ngidinga ukuphulukiswa. Ngi—ngidinga okuthile.” UNkulunkulu uzoqonda.

47 Baba wethu waseZulwini, njengoba sisondela eBukhoneni baKho obungeweke kulobubusuku, eGameni leNkosi uJesu, siza eGameni laKhe ngoba Washo, ukuthi, “Uma nicela uBaba noma yini eGameni laMi, Ngizokwenza.” Manje, siyazi ukuthi asikwazi ukuza ngegama lethu. Asikwazi ukuza egameni lebandla lethu, egameni lomelusi wethu, noma egameni lenhlangano yethu, futhi silindele ukuzwakala. Kodwa sinesiqiniseko sokuthi uma siza eGameni leNkosi uJesu, ukuthi Usithembisile ukuthi sizolalelwa.

48 Futhi ngiyakhuleka, kulobubusuku, Baba waseZulwini, ukuthi njengoba sibuthene lapha kulelitabernakele elincane elinikelelwe inkonzo yaKho, okungukuthi inceku yaKho, uMfowethu O'Donnell, ayelusayo ngalesi sikhathi, elusa izimvu ezigogobala kulengxenyi yezwe, ngikhuleka izibusiso zaKho phezu kwalomelusi naphezu komndeni wakhe, phezu kwebandla nazo zonke izimvu eziklaba lapha emadlelweni.

49 Ngikhulekela lonke ibandla elimelwe lapha, bonke abantu. Futhi kulabo abangewona amaKristu ngikhulekela ukuthi kulobubusuku bazoba ngamaKristu. Ngikhulekela osomabhizinisi abalapha, uMfowethu Rose, uMfowethu Williams, nabanye abanengi, ngengqungquthela elandelayo ezansi lapho. Ukuthi, lokhu kunyakaza okuncane kwalezi zinsuku ezimbalwa ngaphesheya kwePhoenix, naseTempe, naseSunnyslopes, nasezweni lonke lapha, kuzoba yimbangela yokuthi amaKristu amaningi athathe ukubamba okusha, abahlubuki abanengi babuyela kuNkulunkulu, izoni eziningi ziza kuKristu, abanengi abagulayo bayaphulukiswa. Siphe khona, Baba.

⁵⁰ Khuluma ngathi, ngeZwi kulobubusuku, iQiniso. “IZwi laKho liyiQiniso.” Phulukisa bonke abagulayo nabahluphekileyo, ngakho kokubili ngokwenyama nangokomoya. Lezi zandla eziphakamile zinesidingo, Nkosi, futhi ngiyakhuleka Uzokuhlinzeka konke lokho kulobubusuku, ngoJesu Kristu, iNkosi yethu. Amen.

⁵¹ Manje, iningi lenu liyathanda ukufunda imiBhalo kanye nalabo abafundayo. Ngifisa ukufunda ezindaweni ezimbili kulobubusuku. Enye yazo itholakala kuMarku, isahluko 16, futhi sizogala evesini le 14. Futhi enye itholakala kuJohane oNgcwele. Noma, ngicabanga ukuthi yilapho engibhale khona phansi. Ake ngibone, kuqala. Yebo. UJohane oNgcwele 14:12 kulapho umBhalo wesibili. Manje kuMarku oNgcwele, isahluko 11 futhi sigala ngevesi 14. NoJohane oNgcwele 14:12. Manje sifuna ukulalelisisa ukufundwa, ngoba iZwi likaNkulunkulu yilokho esifuna ukukuzwa. Okokuqala, uMarku 16.

Emva kokuba ebonakele kwabayishumi nanye behlezi ekudleni, wabasola ngokungakholwa nobulukhuni benhliziyo, ngokuba bengakholwanga yilabo abambonile esevukile.

Wasesithi kubo, Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo.

Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa; kepha ongakholwayo uyakulahlwa.

Futhi lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; Ngegama lami bayakukhipha amademoni; bashumayele ngezilimi ezintsha;

Bayakuphatha izinyoka; futhi uma bephuza okuthile okubulalayo, ngeke kubalimaze; bayakubeka izandla kwabagulayo, . . . basinde.

Ngakho . . . emva kokuba iNkosi isikhulumile nabo, yamukelwa phezu ezulwini, yahlala ngakwesokunene sikaNkulunkulu.

Base bephuma, bashumayela ezindaweni zonke, iNkosi isebenza nabo, iqinisa izwi ngezibonakaliso ezilandelayo. Amen.

⁵² UJohane 14:12, uJesu ekhuluma.

Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kini, Okholwa yimi, imisebenzi engiyenzayo mina naye uyakuyenza; futhi uyokwenza imisebenzi emikhulu kunale; ngoba ngiya kuBaba.

⁵³ Ngi—ngingathanda ukuthatha indikimba, uma iNkosi ithanda, “ekuqinisekiswa kokuthunywa,” njengendikimba, nokukhuluma nje. NginemiBhalo embalwa namanothi abhaliwe, angasisiza lapho sihamba. Manje: *Ukuqinisekiswa Kokuthunywa.*

⁵⁴ Manje, ngicabanga ukuthi noma yini ifanele iqinisekiswa. Uma uzokwakha indlu, izofanele yakhiwe ngencasiselo ethile, noma bengeke baqinisekise ukuthi indlu yakhiwe; futhi uzodingeka uphinde uyidilize, uyakhe kabusha.

⁵⁵ Futhi ngicabanga ukuthi, futhi, uma ubuwehla ngomgwaqo, futhi, noma uphume uye emsebenzini wakho, bese othile eza kuwe bese ethi, “Ngiyisikhulu sase-United States. Manje sengikubopha, egameni lehhovisi lami.” Manje, unelungelo lokusho kuleyo ndoda . . .

⁵⁶ Uma uyibhekile, ifake umfaniswano, nebheji iqhaselwe kuyo. Lokho okwamanje akuyenzi ibe yisikhulu sase-United States. Noma imuphi umkhohlisi angakugqoka lokho. Ungathenga ibheji ngapha, cishe impela, esitolo sezinto zikasheleni. Iya kunoma yiyiphi indali yamafuhlufuthu ezimpahla, noma yini. Lokho akuyenzi ibe yisikhulu sase-United States.

⁵⁷ Ukuzenza sona sikhonjwe, sifanele sibe namaphepha aso anophawu kuwo, lokho ukuqinisekisa isitatimende sayo sokuthi iyisikhulu sase-United States. Noma, ayilutho ize iqinisekiswa ukuthi iyilokho. Ikuqinisekisile ukuthunywa kwayo, futhi ukukwenza ngesitatimende esibekwe uphawu, isimemezelo, ukukhombisa ukuthi lo muntu ufungisiwe. Futhi uye waba . . . Ukuthunywa kwakhe kubekwe uphawu ngophawu lwe-United States, nangaphezu kwegama lakhe. Futhi lokho kumenza abe-ke, noma ngabe ufake ibheji, noma ngabe ugqoke umfaniswano. Inqobo nje uma ephethe leli phepha, uyisikhulu, futhi lokho ngukuthunywa kwakhe. Ibheji nomfaniswano nje ngeke kusebenze.

⁵⁸ Siyathola, kaningi, embuthweni. Ngibezwile abafowethu nabaningi balabo abebephesheya kwezilwandle. Ukuthi, izikhathi eziningi, amaJapane namaJalimane, namanye amazwe angaphandle ayephikisana nathi empini, uma babengathatha isosha elifile, bese bethola elinye lamasosha abo ukuthi umfaniswano uzomlingana, ngani, ubengakwazi ukuzenza isosha laseMelika. Futhi kwakudingeka akhonjwe kahle-hle, noma babengeke bakholelwe emfaniswaneni wakhe noma mhlawumbe isigqebhezana ayenaso entanyeni yakhe. Wayefanele akhonjwe ukuthi wayeyisosha laseMelika, ngoba wayengaba yinhloli kalula. Noma iyiphi inhloli eshibhile ingagqoka umfaniswano waseMelika.

⁵⁹ Futhi siyakuthola lokho kuzo zonke izigaba zempilo. Siyakuthola lokho, namhlanje, mhlawumbe emgwaqeni. Sizwa abaningi bethi bangamaMelika.

⁶⁰ Futhi lapha esikhathini esithile esedlule, ngiphuma eQuartermaster eyayivame ukuba lapho eJeffersonville, ngangizihambela ngokunye ukusa, ngiqaphile. Futhi kwakukhona u—umfo owayegqoke kahle ehamba ezansi

nomgwaqo, isigazu esikhulu kakhulu emlonyeni wakhe, isisebenzi sikahulumeni. Futhi wangibuka, ekuseni kakhulu, efake izibuko zelanga. Ngathi, “Sawubona, mnumzane.”

Wangibuka, wayesethi, “Hhe!” Waqala ukuqhubeka nokuhamba.

⁶¹ Manje, ngacabanga kimi. Angifanele ngisho lutho. Kodwa, enhliziyweni yami, wayengeyena umMelika ngempela, ngoba izimiso zaseMelika azincikile ezintweni ezinjengalezo. Kunjalo. Inhlanganyelo, nokubekezelelana, ukuthakazelelwa.

⁶² Futhi manje, niyabo, bonke abahlala eMelika akubona abaseMelika. Kukhona izinhlozi, amakhomanisi, nakho konke okunye. Futhi okuwukuphela kwendlela abangaziwa ngayo ngempela, noma ngabe baqinisile noma qhabo, kungokwabo empeleni, okungaphakathi kubo, noma ngabe inhliziyo yabo iseMelika noma yincwadi yabo yephakathe nje kuphela. Niyabo?

⁶³ Kuya ngokuthi kuyini. Noma yimuphi umkhohlisi angaba—angaba nalokhu okubizwa ngemininingwane, kepha ingabi yindatshana yangempela ngempela.

⁶⁴ Yingakho-ke ngikholwa ukuthi bonke abeza ngakithi, abazibiza ngamaKristu, amaxusa athunyelwe evela eZulwini, afanele abe nesiqinisekiso sokuthunywa kwawo. Ngikholwa wukuthi kumele kube nesiqinisekiso sokuthunywa kwawo.

⁶⁵ Manje, siyaqonda ukuthi uJesu washo lapha, kuMarku isahluko 16, ukuthi bonke Abathumele ngokuthunywa kwakuyothwala isiqinisekiso. “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhohlwayo.”

⁶⁶ Manje, Akazange athi, “Bona, mhlawumbe ziyobalandela, noma zingahle zibalandele.”

⁶⁷ Wathi, “Hambani niye ezweni lonke.” Manje, omunye umuntu ufuna ukukuqeda lokho kuthunywa, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili eyedlule. Kodwa Wathi, “Umhlaba wonke, kuso sonke isidalwa. Lezi zibonakaliso zizolandela emhlabeni wonke, nakuzo zonke izidalwa.” Niyabo? Futhi lezo kwakuyizibonakaliso ezazizolandela, ukugunyaza ukukhonzwa.

⁶⁸ IBhayibheli lathi, “IVangeli alifikanga kithi ngezwi kuphela, kodwa ngamandla, ukubonakaliswa koMoya oNgcwele.” Ngamanye amagama, “NguMoya oNgcwele uthatha iZwi likaNkulunkulu futhi ulenze Libonakale.” Niyabo? Futhi, ngaphandle kwalokho, ukuphela kwendlela izibonakaliso zikaMarku 16 ezingalandela ngayo ikholwa ukuthi uMoya oNgcwele uqobo lwawo uthatha iZwi likaNkulunkulu bese elikhombise kubantu. Yilokho kuphela. Manje, ukukholwa kwenza leloZwi liphile. Niyabo?

⁶⁹ IZwi linguNkulunkulu. “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu.” Wase-ke uJesu ethi, “Uma nihlala kiMi, neZwi laMi kini,

celani enikuthandayo, niyakwenzelwa khona.” Niyabo? Lokho ukuhlala noKristu eZwini. Ungayi kwesokudla noma kwesobunxele. Hlala ngqo nakho. Niyabo? Futhi-ke empeleni akulona iZwi lakho, khona-ke. YiZwi laKhe, futhi iZwi laKhe linamandla negunya ngemuva kwaLo. Manje, futhi uma uMoya oNgcwele, oyiZwi likaNkulunkulu, noma amandla eZwi likaNkulunkulu, engena neZwi likaNkulunkulu, kuzokwenza iZwi likaNkulunkulu liziBonakalise.

...Hambani niye emhlabeni wonke, nikhombise lonke iVangeli kukho konke okudaliweyo.

Futhi lowo okholwayo abhaphathizwe uyosindiswa;...ongakholwayo uyolahlwa.

Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo;...

⁷⁰ Yeka ukuthi yisimo esihle kanjani leso! Ukube besingajula nje manje bese silalela: lokho kwakuyimininingwane eyayizobambeleva kuwo wonke umuntu owaphuma eshumayela iVangeli. Futhi akekho umuntu onelungelo lokushumayela iVangeli ngaphandle kombhaphathizo kaMoya oNgcwele. UJesu akavumelanga uPetru, uJakobe, uJohane, noma yibaphi abanye babo, ukuba bashumayeleva iVangeli baze balinda emzini waseJerusalema kwaze kwafika uMoya oNgcwele wabagcwaliswa, ngoba nguMoya oNgcwele owenza iZwi likaNkulunkulu lisebenze. Niyabo?

⁷¹ Manje, leloZwi elifanayo liyaphila nje kulobubusuku njengoba bekuyihora okukhulunywe ngalo. Niyabo? I...Konke esikudingayo nguMoya oNgcwele osemva kweZwi, uWufake ekusebenzeni futhi ukhombise amandla Owathembisile. Zonke izibusiso uNkulunkulu azithembisile, konke Akusho, kungaphiliswa uma uMoya oNgcwele usemva kweZwi, ngoba leyo yinto ephilisa iZwi futhi iLinike ukuphila. Niyabo? Futhi manje siyazi ukuthi kunjalo.

⁷² UJesu wathi, “Lezi zibonakaliso ziyobalandela bonke engibathumelelo.” Abanye, benqaba. Yilokho kuphela. Impela.

⁷³ Noma yimuphi ongakholwayo, noma yimuphi umgxekei weZwi, angafika nenkomba yehlelo elithile, inhlangano ethize eyenziwe ngumuntu noma okuthize, athi, “NgiyiPresbyterian, iLuthela, iBaptisti,” noma kungaba yini. Angazikhomba kalula enhlanganyelweni yalelo bandla lehlelo, ngenxa yezincwadi zakhe ezimchazayo. Kodwa okwakhe okumchazayo kuvela kuphela enhlanganweni eyenziwe ngumqondo hhayi iZwi likaNkulunkulu.

⁷⁴ Kodwa uNkulunkulu, uma ethunywe evela kuNkulunkulu, “Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Niyabo? UJesu washo njalo. Niyabo? Niyabo?

⁷⁵ Kungukuthi, noma ngabe uthatha lokho okwashiwo yinhlangano ethile, umbono othile owenziwe ngumuntu awusho. Bazoshumayela imfundiso yalowomqondo, bese kuthi-ke lokho kube yinto ebachazayo ebhodini labadikoni, noma ngabe kuyini, ukuthi bame enhlanganyelweni ehle naleyo nhlangano. Angimelene ngalutho nalokho, qondani.

⁷⁶ Kodwa ngivikela kuphela lokho uJesu akusho. Niyabo? Wathi, “Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Futhi uJesu wathi, kuJohane oNgcwele 14:12, “Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kini.” Lokho ngukuthi, “Impela, impela, ngithi kini, okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza.”

⁷⁷ Futhi umuntu angakholwa kanjani ukuthi uthunywe evela kuNkulunkulu, bese-ke ephenduka ephika khona kanye lokho kuthunywa uNkulunkulu athe uzokwenza, lokho kungaba ukukhonjwa kwawo wonke umuntu Amthumile na? Angasho kanjani umuntu ukuthi, “Ayikho into efana nombhaphathizo kaMoya oNgcwele”? Angasho kanjani umuntu ukuthi, “Ayikho into efana nokuphulukiswa kwabagulayo”? Angasho kanjani umuntu ukuthi, “Ayikho into efana nokukhuluma ngezilimi, ukukhipha odeveli”? Ngenkathi, lokho kwakuyinto emchazayo uqobo uJesu akunamathisela kulowo nalowo okholwayo owayezokwenza, Wathumela. Igunya lelo.

⁷⁸ Manje, ungahle uye esikoleni bese uthola i-Ph.D., ne-LL.D., nanoma yini enye ofuna ukuyenza, futhi lokho kulungile. Lokho ukukhonjwa kwakho kuleyo nhlangano. Futhi konke kulungile. Anginalutho olumelene nabo; ngifisa sengathi ngabe nginazo.

⁷⁹ Kodwa inkomba yokuthi uJesu, ngenkathi Ethumela umuntu, ingukuthi, “Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Niyabo? Yizo lezo izinkomba azithumele ngoNkulunkulu. “Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.”

⁸⁰ Manje, njengoba ngishilo, noma iyiphi indoda engumkhohlisi ingathatha umfaniswano noma ibheji, kepha lokho akusikho okumchazayo. Okumchazayo okubalulekile, hhayi umfaniswano noma ibheji. Futhi kunabantu abaningi. . . Futhi kubi kakhulu ukuthi ngifanele ngisho lokhu, kodwa kuyiqiniso. Sifanele sethembeke. Baningi kakhulu okwe. . . abantu bakithi bePentekoste, abagqoke nje ibheji nomfaniswano, niyabo, ngoba baphila ngokwehluke kakhulu kunalokho ngempela okufanele kube yipentekoste, kuze kube aku—kukho lutho kulokho. Yilokho kuphela. Futhi kuletha kuphela ihlazo eMbangeleni. Kunjalo. Kwenza abantu beshaye amakhala.

⁸¹ Kodwa uJesu unikeze isiqinisekiso, ukuthi kuzolunga, ngoba, “Lezi zibonakaliso zizolandela amakholwa.” Yinto eyodwa leyo. UMoya oNgcwele wabheka phansi ngokugeleza kwesikhathi futhi wabona ukuthi abantu bazoliphendukezela

iZwi laKhe futhi babangele *lokhu, lokho, nokunye*, ngakho-ke Wakwenza kwacaca kakhulu futhi kwaba nethemba lokuthi ayikho indlela yokukuzungeza konke. Wathi, “Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Manje, siyazi ukuthi lokho kuyiqiniso.

⁸² Ongakholwayo angaphatha lokhu okumchazayo kwehlelo, kepha akusikho lokho okumenza abe ngumuntu othunywe evela kuNkulunkulu. Bazungeza lapha bephethe zonke izinhlobo zezincwadi emakhwapheni abo, bezungeza izwe lonke, futhi *lokhu*, okukaJehova *lokhu*, futhi *nokuthi-nokuthi*, nakho konke *lokhu, okunye*, kodwa lokho akukwenzi kube njalo. Qhabo, mnumzane.

⁸³ UJesu wathi, “Ubavivinye ngeZwi.” Kunjalo. IZwi, “Lezi zibonakaliso ziyolandela.”

“Uyakholelwa emandleni kaNkulunkulu na?”

⁸⁴ “O, ibandla lethu—lethu lifundisa ukuthi...” “Ibandla lethu,” lokho akuhlangene nakancane naLo.

⁸⁵ Yilokho iZwi likaNkulunkulu elikushoyo. Niyabo? Ya. “Kuyodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi aliyikudlula.” IZwi eliphilayo, elikhulunywe nguNkulunkulu ophilayo, kumele libe sesidalweni esiphilayo. Futhi kungenzeka kanjani ukuthi owesilisa noma owesifazane, othi banombhaphathizo kaMoya oNgwele, baphike lokho uNkulunkulu akusho eZwini laKhe na? Ngoba, yiwona kanye uMoya oNgwele owaloba iZwi, yiwona kanye uMoya oNgwele okhuluma ngomuntu. Kunjalo. Kufanele kube njalo. Akakwazi, akakwazi ukukwenza. Yebo, mnumzane.

⁸⁶ Manje, kodwa, lokho, umuntu angafika athi, “Nginekhadi lenhlanganyelo. Ngingowaleli bandla noma *lelo* bandla.” Lokho namanje akukwenzi kulunge. Angaba ne-Ph.D., i-LL.D., nanoma yini enye evela esikoleni esithile esikhulu. Lokho kulungile. Akukho okumelene nalokho. Lokho kusengalunga. Angimelene nalutho nalokho. Kodwa uma uNkulunkulu emthumile... Futhi uma ephika lokhu kuthunywa *Lapha...* Uma enalokho kuhlanganisa na*Lokhu*, kuyamangalisa. Kodwa uma enalokho ngaphandle kwa*Lokhu*, ngakho-ke akukuhle. Niyabo? Kunjalo.

⁸⁷ Kulungile uma owesilisa egqoke umfaniswano nebheji elinokumchazayo. Kulungile. Kepha ubekwazi ukugqoka umfaniswano nebheji ngaphandle kokumchazayo. Kunjalo. Ngakho-ke kuyisiqinisekiso sokuthunywa, okumele sime. Kufanele kwenze, ngokungangabazeki.

⁸⁸ Lo ongakholwayo angahle adule bese ethi, “Awu, angikholwa ukuthi kukhona into efana nombhaphathizo kaMoya oNgwele. Izikole zethu zifundise ukuthi—ukuthi lezozinsuku sezadlule. Akudingeki ukuthi sibe nakho lokho futhi.” Futhi baningi kakhulu babo abakholwa yilokho. Baningi kakhulu abakholwa ngobuqotho lokho, amadoda alungile,

yingoba balalela isikole esikhundleni seZwi likaNkulunkulu. Kunjalo impela.

⁸⁹ Lapha esikhathini esithile esedlule, endaweni ethize, kwakukhona o—o—owesifazane. Wayenendodana. Futhi yayinobizo lukaNkulunkulu empilweni yayo; yayibonakala inalo. Futhi umama omdala ompofu wayefuna ukuyithumela esikoleni, enze konke okusemandleni akhe ukuyakha. Okungukuthi, leyo yinto enhle ukuyenza. Kodwa wayithumela esikoleni esingalungile. Wayithumela endaweni lapho baqala khona ukufundisa ngokuphambene neZwi likaNkulunkulu, futhi yaqhubeka. Wawasha, ukuyithumela esikoleni, njalunjalo, kwadlula isikhathi eside. Futhi, ekugcineni, ayizange eze ekhaya isikhashana.

⁹⁰ Umama omdala wagula. Wagula impela, impela. Futhi waba mubi kakhulu waze udokotela wathi wayengeke aphile, ukuthi wayezofa. Ngakho-ke wathola omunye womakhelwane ukuthi athumele ithelegamu endodaneni yakhe, ukuba ize ekhaya ngokushesha, ngoba babemfuna ukuba afe. Ngakho-ke umakhelwane wathumela ithelegamu.

⁹¹ Futhi—futhi ngakho-ke umfana wazilungiselela ukuza. Futhi emva kwesikhashana, enye ithelegamu yabuya yase ithi, “Ungakhathazeki. Usephila saka.”

⁹² Ngakho-ke, ezinyangeni ezimbalwa kamuva, umfana weza ekhaya ezovakashela umama wakhe. Futhi—futhi washo kuye, ejabule ngaye, futhi emtshela ukuthi uneZiqu zakhe zoBuciko, nakho konke ayekwenzile, nokuthi uphumelela kangakanani esikoleni. Futhi wathi, “Empeleni, mama,” wathi, “Ngikhohliwe ukukubuza.” Wathi, “Ungithumelele ithelegamu, cishe ezinyangeni eziyisithupha ezedlule, ukuba ngize ekhaya.” Wathi, “Bengiphatheke kabi kakhulu.” Futhi wathi, “Ngathuka kakhulu ngakho.” Futhi wathi, “Ngalungela ukuza. Kwase-ke kufika enye ithelegamu, ukuthi ubusukahle. Usuphilile. Futhi ngangijabule kakhulu ngalokho. Mama, ngingathanda ukukutshela, noma, mama, ngithanda ukuthi ungitshele ngokwenzekile. Hlobo luni lomuthi udokotela akunike lona, futhi ubenamuphi udokotela na?” Wathi, “Ngingathanda ukuhamba futhi—futhi ngiphawule ngomsebenzi wakhe omuhle.”

⁹³ Wathi, “Kahle impela, ndodana.” Wathi, “UDkt. Jesu nguYe Okwenzile.”

Wathi, “Mama?”

⁹⁴ Wathi, “UDkt. Jesu.” Wathi, “UDkt. *S’ bani-bani*, udokotela wami, wakhuphukela lapha, futhi umkhuhlane wami wawuphezulu kakhulu, ngangisangene.” Futhi wathi, “Bathi ngaya ngokuya ngiba mubi kakhulu, futhi-ke ngase ngizofa.” Wayesethi, “Uyazi lapho leyo mishini encane ikhona ngasekhoneni, ezansi lapho emhubheni na?”

“Yebo.”

⁹⁵ Wathi, “Labo bantu babenomhlangano womkhuleko ezansi lapho ngobunye ubusuku, futhi bathi uMoya oNgcwele wabatshele ukuthi benyukele lapha futhi bangikhulekele.” Futhi wathi, “Ngokushesha nje lapho bangikhulekela, wonke umkhuhlane wahamba.” Futhi wathi, “O, ndodana!” Wathi, “Haleluya!” Wathi, “Ngiphulukisiwe.”

⁹⁶ “O,” wathi, “mama, mama, isibindi impela! Ngani, awufanele uzihlanganise nabantu abanjalo.” Wathi, “Ngani, bekungafanele ube nalabo bantu phezulu lapha.”

Wathi, “O, kungani, ndodana?” Wathi, “Awu, udumo kuNkulunkulu!”

⁹⁷ Wathi, “Mama, ungazisho lezozinto.” Wathi, “Ngani, ngani, uyangethusa!” Niyabo? Wathi, “Ngani, awufanele uzisho lezozinto. Ngani,” wathi, “labo bantu abanayo imfundo. Abazi lutho ngeBhayibheli.”

⁹⁸ “Awu,” washo, “uxole ndodana.” Wathi, “Behla ngqo bangifundela eBhayibheli, lapho kwathiwa, ‘Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakhulwayo. Uma bebeka izandla zabo phezulu kwabagulayo, bayosinda.’” Wathi, “Linda. Ngikufundile kaningi. Ngikumake eBhayibheli lami. Ngizokukhombisa.”

“O, awume kancane nje, mama.” Wathi, “Lowo nguMark 16.”

“Yebo, kulapho-ke, s’thandwa,” wathi, “uMark 16.”

⁹⁹ Wathi, “O, mama,” wathi, “uyabo, labo bantu abampofu, abazi nokungcono.” Wathi, “Sifunde esikoleni ukuthi uMarku 16, kusukela esahlukweni 9 kuya phambili, akuphefumulelwe. Niyabo? Akuphefumulelwe neze. Kungeziwe nje.”

¹⁰⁰ Futhi umama omncane wathi, “Udumo kuNkulunkulu! Haleluya!” Futhi yena umama . . .

Umfana wathi, “Mama, uqonde ukuthini na?”

Wathi, “Bengicabanga nje.”

Wathi, “Ucabangani, mama na?”

¹⁰¹ Wathi, “Uma uNkulunkulu engenza lokho kimi ngeZwi elingaphefumulelwe, Angenzani ngalokho okuphefumulelwe ngempela na?” Ngakho-ke, kunjalo. Niyabo? Niyabo? Yilokho-ke. O, he!

¹⁰² Kwakuyini indaba na? Leyo mishini encane ngasekhoneni yayinokuyichazayo, mhlawumbe hhayi i-Ph.D. noma i-LL.D. Noma . . . Kodwa babenokubachazayo kukaNkulunkulu, “Ngalezi zibonakaliso zilandela labo abakhulwayo.” UJesu wathi sizokwenza. Bona, babenesiqinisekiso sikaNkulunkulu. Babenomyalo waKhe, ukuba bahambe babeke izandla phezu kwabagulayo, futhi bakwenza ngendlela nje Athi kwenze ngayo, futhi (bona) uNkulunkulu waliqinisekisa

iZwi ngezibonakaliso zilandela. Kuyisiqinisekiso sokuthi bathunyelwe nguNkulunkulu. Yebo, mnumzane. Yiqiniso lelo. Kulungile.

¹⁰³ Manje, leso yisifundo esihle. Ngoba, umfana wayehambile wayofunda, futhi ngempela wayene-Ph.D. yakhe, kodwa babenesiqiniseko seZwi. Wayenesiqiniseko seziqinisekiso esivela ekolishi elithile, kodwa babenesiqinisekiso seZwi likaNkulunkulu elivela eZulwini, noMoya oNgcwele ukusekela lokho ababekhuluma ngakho. Yebo, mnumzane. Futhi uNkulunkulu wamnika izibonakaliso. Yebo, mnumzane. O, ngimbonga kanjani uNkulunkulu ngalokho! Abantu bakaNkulunkulu bahlala njalo benalokho.

¹⁰⁴ Manje, ngokungangabazeki, ongakholwayo uzodingeka abe nokuncane kweZwi likaNkulunkulu, ukuLisonta, ukulenza lilingane nesivumokholo, ukulenza likhohlise kakhulu. Manje, niyazi, amanga amakhulu kunawo wonke ake akhulunywa anesigejane seQiniso eliningi kakhulu kuwo. Kunjalo. Khumbula. Wonke...Amanga okuqala ake akhulunywa, ayeneqiniso elingamaphesenti ayisishiyagalolunye nanhlano, ngenkathi uSathane etshela u-Eva, ensimini yase-Edene, “Zonke lezi zinto uNkulunkulu ayezishilo.” Wavuma, “Kunjalo.” Wavuma, “Kunjalo, konke okushiwo nguNkulunkulu. Kodwa,” wathi, “impela ngeke ufe.” Nakho lapho kukhona.

¹⁰⁵ Othile wayengathi, “Babesetabernakele, phezulu lapha kulobubusuku *obuthize-thize*.” Yebo. “Abantu babuthana bonke ngaphakathi.” Yebo. “Bacule amahubo.” Yebo. “Futhi umfundisi ukhulumile.” Yebo. Kunjalo. “Bese-ke uyazi ukuthini? Badlulise ibhodlela nxazonke, bonke badakwa.” Akulungile. Niyabo?

¹⁰⁶ UMoya wawa nje, badakwa bonke. Niyabo? Umehluko omkhulu kangako nje, niyabo, lapho bengadlulisi ibhodlela nxazonke. Kepha isibusiso somoya kaNkulunkulu sehlela phezu kwabantu. Nangempela badiyazela. Nangempela bawa. Futhi basika kanjalo. Kepha kwakungelona ibhodlela elakwenzayo. KwakunguMoya oNgcwele uqinisekisa iZwi laKhe ngezibonakaliso ezilandelayo. Niyabo? Niyabo? Konke bekubonakala kulungile nje, ngaphandle kwebhodlela. Niyabo?

¹⁰⁷ Manje, bengingasho, ngabe ubungenhla lapho na? “Yebo.” Ingabe abantu bebelapho na? “Yebo.” Ingabe badiyazela na? “Yebo. Yebo.” Konke lokhu na? “Ya.” Lokho kulungile ngaphandle kwento eyodwa.

¹⁰⁸ Ngakho-ke yile yondlela ongakholwayo, onga...umuntu ongakhonjiwe noNkulunkulu, uzothi, “O, ngiyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu. Ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu unguYise kaJesu Kristu. Ngiyazikhola zonke lezi ezinye izinto.” Niyabo? Kodwa uma sekwehlela kuLena enye ingxenye, “O, Lokho kungokolonnye usuku,” Niyabo? Kukhona

amanga akho. Kunjalo. Uzama ukusonta kancane okweZwi, ukukwenza kube okukhohlisayo kubantu.

¹⁰⁹ Kodwa ini na? UJesu wakwenza kwacaca lokho. Wathi, “Lezi zibonakaliso zizoqinisekisa uMyalezo Engiwuthumele.” Yebo, mnumzane.

¹¹⁰ Ngake ngaba ngumshumayeli waseBaptisti, ngisabathanda abantu beBaptisti namanje. Kepha ngithole le enye into. Niyabo? Manje, akulona—akusikhona ncamashi. I—ibandla lePentecostal, angisho ukuthi liphelele nje, akukho lutho kulo. Kodwa lingokudlula konke esinakho, ngakho-ke asihlale ngqo nakho. Yilokho kuphela. Bayakholwa. Abanye babo kungenzeka ukuthi abanakho ukukholwa okwanele.

¹¹¹ Nginabo ngqo, anginalo ukholo olwanele ukwenza onke amaZwi afezeke. Kodwa angisoze ngime endleleni yomuntu onokholo olwanele ukukwenza kufezeke. Angisoze ngacasha ngemuva kokungakholwa, lapho ngithi ngeke kwenzeke. Uma umuntu engathatha iZwi likaNkulunkulu futhi aliqinisekise ngamandla kaNkulunkulu, ngithi, “Udumo kuNkulunkulu! Nkosi, ngiphakamise futhi mangime, ngokukholwa, ezweni letafula laseZulwini.” Yebo. Impela ngizohlala nalokho.

¹¹² Benza nje okuncane, ukulinganisa isivumokholo sabo. Kodwa inceku kaNkulunkulu inesibonakaliso saKhe, impela.

¹¹³ Testamente eLidala, kwakukhona indoda, ngenkathi abanye babo bengakwazi ukusayina igama labo, ngakho-ke babenophawu, futhi kwakuyisibonakaliso. Babeyoyibeka uphawu, *kanjalo*. Kwaqedwa. Uphawu ngumsebenzi osuqediwe.

¹¹⁴ Abase-Efesu 4:30 bathi, “Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enibekwa uphawu ngawo kuze kube lusuku lokuhlengwa kwenu.” Kungubekwa uphawu, kungumsebenzi osuqediwe; ukuthi uNkulunkulu ukubonile, waqonda ukukholwa kwakho ukuthi uvuma kuYe, wathulula uMoya oNgcwele, futhi wakubeka uphawu kuze kube luSuku lokuHlengwa kwakho. Lokho kuyisibonakaliso sokuthi uNkulunkulu ukunikeze uMoya oNgcwele, kunjalo, futhi uqinisekise ukukholwa obenakho kuwe, futhi unikeza isiqiniseko sakho ngokukunika uMoya oNgcwele.

¹¹⁵ Futhi uma unoMoya oNgcwele, “Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Impela.

¹¹⁶ Uma ephika, lo muntu ohambahambayo, ethi, “Manje, ungallaleli labo bantu. Ngabe uke wehlela etabernakele ngobunye ubusuku na?”

“Yebo. E-hhe.”

¹¹⁷ “Awu, singabakaS***bani-bani***. Lokho akulutho ngaphandle nje kwesigejane sokuxokozela.”

¹¹⁸ Benazi ukuthi uPawulu wathi ku-Agripa, “Ngendlela ebizwa ngokuthi ‘ukweduka,’ yile yondlela engikhonza ngayo

uNkulunkulu wokhokho bethu”? Uyazi ukuthi yini ukweduka na? [Umfowethu uthi, “Ukuhlanya.”—Umhl.] Yebo. Kunjalo. Abashongo yini kuJesu ukuthi, “Manje sesiyazi ukuthi uyasangana”? *Ukusangana* kusho ukuthi “uyahlanya.” Niyabo?

¹¹⁹ “Indlela ebonakala ingukuhlanya.” Ngoba usudlulile ekufeni wangena ekuPhileni. Awuseyena owezwe, kepha ubekwe eceleni ezweni. Niyabo? Futhi ngakho-ke ingqondo yakho ingokomoya, futhi ucabanga ngezinto zaPhezulu futhi hhayi ngezinto eziqhubeka lapha emhlabeni. Uthando lwakho lusezintweni zaphezulu.

¹²⁰ Manje, uma lomuntu ephika ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.

¹²¹ Manje kubhekeni. Uzobezwa bethi, “O, Usenguye.” Ngabe Usenguye na? Ngabe Usenguye na? “Awu,” bathi, “Usenguye, ngendlela ethile.” Yona yiphi indlela na? Niyabo? Yona yiphi indlela na? “Awu, a—angi...ngiyakholwa ukuthi Usasindisa.” Niyabo? Kuthiwani ngokuphulukisa na? “O, qhabo. Akakwenzi lokho.”

¹²² Manje, ngenkathi Elapha emhlabeni, bathi, “Uyakwazi ukuphulukisa, kepha Akakwazi ukusindisa.” Manje bathi, “Angakwazi ukusindisa, kepha Akakwazi ukuphulukisa.” Niyabo, ngudeveli nje, ethatha izinhlangothi eziphambene nalokho.

¹²³ Kodwa uma EnguJesu Kristu, ngakho konke, Ogcotshiweyo, Nguyena izolo, namuhla, naphakade, uMphulukisi ofanayo, ofanayo.

¹²⁴ Akusuwe owenza izimangaliso. Qhabo. Bafuna ukuthi, “Ake ngikubone wenza *lokhu*.” Manje, uNkulunkulu akazange athi mina angikwenze. Usevele ukwenzile. Ukuphela kwento engingayenza ukuthatha iZwi laKhe bese ngibambeleva kuLo, futhi Uzokufezekisa. Kunjalo. Kunjalo impela. Akuwena. NguNkulunkulu okuwe.

¹²⁵ Njengoba uJesu athi, “AkusiMi owenza imisebenzi; nguBaba waMi ohlala kiMi. Uyawenza umsebenzi. Ngqiqinisile, ngqiqinisile, ngithi kini, iNdodana ayenzi lutho ngokwaYo; kodwa lokho Ebona uYise ekwenza, neNdodana iyakwenza.” Wabheka kuqala, ukubona umbono, lokho uBaba amtshela khona. UJohane oNgcwele, ngiyakholwa, 5:19, uzokufunda lokho, 5:19. Yebo. Uma nizofunda, Wathi, “Lokho uBaba aNgikhombise ukuba ngikwenze, nami Ngiyakwenza.”

¹²⁶ Manje siyathola, khona-ke, ukuthi uma thina—uma thina... uma ephika ukuthi uJesu Kristu akasuye ofanayo impela.

¹²⁷ Yinye kuphela into Angeke abe yiyo, leyo Angahluka kuyo, lokho kungukuthi, ophathekayo, umzimba wenyama. Niyabo? Manje, kophathekayo, umzimba wenyama, uNkulunkulu wavusa lowo ethuneni, ngosuku lwesithathu, futhi uhlala

ngakwesokunene sobukhosi baKhe kweliPhezulu, e... eSihlalweni saKhe sobukhosi. UJesu wanqoba, wathatha iSihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu. Thina esinqobayo siyohlala naYe eSihlalweni saKhe sobukhosi, ngoba iSihlalo saKhe sobukhosi siyisihlalo sobukhosi sikaDavide, lapho Azobusa khona lapha emhlabeni. Futhi manje ngakwesokunene sikaNkulunkulu, esandleni sokunene samandla nobukhosi baKhe, uJesu uyabusa.

¹²⁸ Manje, phakathi Lapho, UngumPristi oMkhulu owenza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu izono, uma samukela iZwi laKhe, siLikholwa enhliziyweni yethu, siLemukela phakathi lapho, futhi ungalibuyiseli emuva, kodwa kholwa impela ukuthi kuzokwenzeka. INzalo ka-Abrahama yeqiniso izobambelela kuleloZwi. Akunandaba ukuthi kuthatha isikhathi eside kangakanani, Uzokufezekisa. Akukho gagasi kukho, akukho ndawo. Uzokufezekisa. Kunjalo.

¹²⁹ Manje, umkhohlisi uzothi, “Qha. Lokho, akunjalo lokho.” Bese kuthi nje uma besaphika *Lokhu* kuthunywa, kukhombisa ukuthi abakwazi ukukhombisa... bona... ukuthunywa kwabo kubekwe uphawu. Abakwazi ukukubonisa, ngoba bayaphika. Uma...

¹³⁰ Futhi njengesi—isikhulu, bengingathi, “Awu, lapha, ngiyisikhulu wase-United States. Ngiyazi ukuthi ngiyisikhulu, futhi *nanku* umthetho othi isikhulu kumele siphathe lesi siqinisekiso, esivalwe ngophawu lwase-United States.”

¹³¹ Wena uthi, “Awu, lokho bekungokwesikhathi esithile esesadlula. Akudingeki ukuthi sibe nakho namuhla.” Ungumkhohlisi. Yilokho kuphela okukhona kukho. Akaqinisile. Akathunywanga. Akathunyelwe.

¹³² Futhi noma yimuphi umuntu ozophika, ukuthi uJesu Kristu akasuye izolo, namuhla, naphakade; noma yimuphi umuntu ozophika ukuthi “lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo,” uzama ukudlula ngohlobo oluthile lwephepha lokugcotshwa ngaphandle kophawu lokuthunywa. Kunjalo impela, manje. Impela iqiniso. Angeke wathunyelwa nguNkulunkulu, ngoba uphika lona kanye uphawu, lokho, sona kanye isiqinisekiso sokuthunywa okufanele abe naso.

Uma isikhulu sithi, “Akudingeki ube nalolo phawu.”

¹³³ Unalo, wena uqobo. “*Nakhu*, encwadini ethi ufanele ube nalolo phawu. *Lapha*, kusemithethweni yase-United States, ithi isikhulu kumele siphathe loluphawu.” Futhi uma engenalo lolo phawu, akasona nhlobo isikhulu. Ungamemukeli, ngoba akasona isikhulu, ngoba umthetho wencwadi uthi kufanele aphaathe loluphawu.

¹³⁴ UJesu wathi, “Lezi zibonakaliso ziyakubalandela. *Ziyakubalandela!*” Hhayi, “Bekufanele; kungenzeka; ezinye zazo, kuzoba njalo.” Lathi, “*Ziyakubalandela*

abakholwayo.” Lokho kungukuqinisekiswa kokuthunywa, ukuthi babethunyelwe. Amen. Ngiyakuthanda lokho. Kungenzela okuhle nje ukukwazi. Yebo, mnumzane. Ngakho-ke ngiyazi ukuthi lowo ngumyalo ongene enhliziyweni yami, uphawu lukaMoya oNgcwele. Kunjalo.

¹³⁵ Ngiyazi, lonke ikholwa eliyikholwa ngempela, libona umuntu owaphikayo lawo mandla alo: IBhayibheli lathi, “Ezinsukwini zokugcina bayoba nesimo sokumesaba uNkulunkulu, futhi bebezowaphika amandla akho. Wobafulathela abanjalo. Ungakwemukeli, nakancane.” Kunjalo. Bazoba namabandla amakhulu namahlelo amahle, nobukhazikhazi obukhulu, nobuhle obukhulu, futhi kanjalonjalo.

¹³⁶ Bhekani, lapha, ngobunye ubusuku, ezansi lapha ePhoenix, isigejane salamantombazana amancane, abafana phandle lapho, benza lo dumu dumu abasha, noma ngabe yini eniyibiza leyonto laphaya, futhi begcwele kakhulu emoyeni wakho baze baba ngaphandle emigwaqweni. Amaphoyisa bekufanele abaqukule. Kuthonywe kakhulu ngaphansi kwamandla kadeveli, yebo, bese kuthi-ke lokho kuthandwa ngabantu.

¹³⁷ Kodwa ake umuntu asine eMoyeni kanye, ngaphansi kwamandla kaMoya oNgcwele! Kunjalo. Yilokho kuphela. “Izibonakaliso zikaNkulunkulu ziyakubalandela abakholwayo.” Ya.

¹³⁸ Angeke—angeke athi uthunywe evela kuNkulunkulu, bese ephika ukuthuma kwaKhe. Ake sibheke abanye balabo abathunywa nguNkulunkulu, sithole ukuthi ngabe Wayehlale ewakhomba yini amakholwa aKhe. Manje bukani.

¹³⁹ Asithathe uMose. UMose wayenobizo empilweni yakhe, lelo iqiniso, kepha akazange athunyelwe. Wayecabanga ukuthi wayethunyiwe, futhi bheka ukwehluleka akwenzile. Kodwa ngenkathi uNkulunkulu emthuma evela esihlahleni esivuthayo... Ngenkathi esengaphandle ebukhoneni bekolishi likaFaro, waphuma nezincwadi zakhe ezimchazayo. Kwakungeke kusebenze. UNkulunkulu wayengeke akuqonde.

¹⁴⁰ Bhekani, wehlela lapho wase ebulala indoda eyodwa ngaphandle kokuthunywa ukuba akwenze, futhi wayefanele abaleke aphume eGibhithe. Futhi wehlela lapho futhi waminzisa lonke ibutho laseGibhithe, enokuthunywa ukuba akwenze, futhi akukho okwashiwo ngakho. 3Lowo umehluko. Wabulala indoda eyodwa futhi wadingeka ukuthi agijime. O, isimo esibi kanjani ayekuso, ngoba wakwenza ngaphandle kokuthunywa. Kodwa wehlela lapho enokuthunywa, futhi waminzisa lonke ibutho, watholela inkazimulo uNkulunkulu ngaYe. Niyabo?

¹⁴¹ Yeka indlela uNkulunkulu enza ngayo abantu baziphathe ngobuwula! Lelo khehla, elihloniphekile manje, liphuma lapho linazo zonke izinhlobo zeziqo zasekolishi. Kodwa, futhi, o,

wayengeke acabange ngakho, lapha eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala. Futhi ngokusa okulandelayo, nangu ehlela ngaseGibhithe, nonkosikazi wakhe ehlezi egxamalazele umnyuzi, egone omncinyane wakhe enqulwini, eqhubeka, ubuhwanqa obukhulu obudala buphephuka *kanjalo*, nenduku egwegwile esandleni sakhe.

“Uyaphi, Mose na?”

¹⁴² “Ngehlela eGibhithe, ukuyolidla.” Ukuhlasele komuntu oyedwa. Ngani na? Into yakho ingukuthi, ukwenzile. Kunjalo. Njengomuntu oyedwa ezothatha lonke iRushiya. Kwakuyini na? Wayegijima... Ngesikhathi eyisikhulu esisesikhundleni esiphakeme, isikhulu esephakeme kunazo zonke esasikhona, eceleni kukaFaro eGibhithe, wabaleka esuka eGibhithe ngoba wayengenakho ukuthunywa ukuba akhulule abantwana bakwa-Israyeli. Kodwa-ke ubuyela emuva, nomuntu oyedwa emelene nayo yonke into, enomyalo, futhi wakwenza. Kungani na? Wayenokuthunywa, futhi wayenesiqinisekiso sawo. Wayekwazi ukufakazela ukuthi uNkulunkulu wayemthumile. Amen.

“Uzokwenzani ngakho, Mose na?”

“Le nduku endala egwegwile engiyiphethe esandleni sami.”

“Uyokwenzani na?”

“Lokhu ukuthunywa kwami.”

“Ini na?”

¹⁴³ “UNkulunkulu unginike izibonakaliso ezimbili ukuthi ngizenze phambi kwabo. Yilokho-ke. Wangitshela ukuthi ngihambe ngenze lokhu. Wathi, ‘Lezi zibonakaliso ziyakulandela,’ uma ngehlela lapho. ‘Yiphonse phansi phambi kukaFaro, ubone ukuthi kwenzekani. Izophenduka inyoka. Bese uthi, “ISHO KANJE INKOSI, Faro, vumela abantu baMi bahambe.””

¹⁴⁴ UMose wehla wase eyiphonsa phansi. Abalumbi bayeza, benza into efanayo. Khona-ke uNkulunkulu wabe eseqinisekisa ukuthunywa kwakhe. Inyoka yakhe yazidla nya zonke ezinye.

¹⁴⁵ Sewake wacabanga ukuthi, “Zashonaphi lezo zinyoka na?” Zaya kuphi na? Kwenzekeni kulezo zinduku na? Zonke zazisendukwini eyodwa. Niyabo? Wazidla nya, inyoka kaMose. Ngoba, kwakuyini na? Isiqinisekiso. Amen. Haleluya! Wayenesiqinisekiso sokuthunywa kwakhe. Wakwenza. Wakhipha abantwana, noLwandle oLubomvu lwangena endleleni yakhe futhi lwamdedela.

¹⁴⁶ Kungani na? Wayenokuthunywa nesiqinisekiso sakho. UNkulunkulu wayenaye, futhi wenza izibonakaliso nezimangaliso.

¹⁴⁷ Kodwa, lapho, uma umuntu ethunywa nguNkulunkulu ongaphezu kwemvelo, amandla angaphezu kwawemvelo

kaNkulunkulu ayoba nalokho kuthunywa okungaphezu kwemvelo. Hhayi lokho okufundayo kuyi-Ph.D. kanye ne-LL.D. ne-algebra, nazo zonke lezo zinto. Lokho kuqinisekisa ukubhalwa nokufundwa kwakho kolimi nenkulumo epulpiti lapho uthi “a-man” njengenkonyane. Kodwa ake nginitsele okuthize. Kepha lapho usuthole isiqinisekiso sokuthunywa nguNkulunkulu, okunikezwe nguMoya oNgewe, “Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Uxolo ngalokho kuzizwakalisa.

¹⁴⁸ Ukuqinisekisa. UNkulunkulu waqinisekisa, ngoba WayenguNkulunkulu ongaphezu kwemvelo, wanika amandla angaphezu kwawemvelo, ngokukhululwa okungaphezu kwemvelo. Ngiyakukholwa.

¹⁴⁹ UNkulunkulu namuhla akazobakhulula abantu baKhe ngemfundo. Akazange athembise ukukwenza. Akazobakhulula ngesayense yezenkolo. Akazange athembise neze ukukwenza. Akazobakhulula ngesayensi. Akazange athembise ukukwenza. Akazobakhulula ngehlelo. Akazange athembise neze ukukwenza. Kepha uzobakhulula ngamandla, ngamandla angaphezu kwemvelo, okuguqula izimpilo zabo nokubabumba babe ngabantwana bakaNkulunkulu. Amen.

¹⁵⁰ UMose wayenokuthunywa. Wayenezibonakaliso ukuba ziqinisekise ukuthunywa kwakhe.

Manje, uJesu, ngendlela efanayo, wathi, “Lezi zibonakaliso!”

¹⁵¹ UMose wathi, “Yini engingabatshela yona na? Ngizobatshela kanjani ukuthi uNkulunkulu wawoyise uthumele na?”

Wathi, “Uphetheni esandleni sakho na?”

Wathi, “Induku.”

¹⁵² Wathi, “Yiphonse phansi. Faka isandla sakho esifubeni sakho, uphume. Ushumayela ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kubo.” Lokho isiqinisekiso. Impela. “Ngizokunikeza izibonakaliso ezimbili.”

¹⁵³ Manje, yena lowo Nkulunkulu ofanayo angeke aguquke. Ngenkathi Ekhipha iBandla laKhe, ukukhulula abantu kulobu bugqila okuyisihogo baseGibhithe ukuthi zonke lezizinto zingene kubantu namhlanje, Wathi, “Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Ungesabi ukubeka leloZwi phandle lapho, ngoba liyiQiniso. YiZwi likaNkulunkulu. Ungavumeli udeveli aLichaze alisuse kuwe; ngoba akulungile. Ugcina iZwi laKhe. Manje, ngiyakukholwa lokho ngakho-ke konke okukimi.

¹⁵⁴ U-Eliza wathunyelwa ezansi. Sengiyambona ngalokho kusa. Ngiyamcabanga yena noJezebel babenemizuliswano embalwa. Kodwa nangu wayekhona ngalolo suku ehla, umfanyana omncane onempandla, nobuhwanqa bulengela phansi, ehla

ngalokho kusa, ezansi ngalowo mgwaqo oya eSamariya. Lawo mehlo ebheke phezulu ngqo ezulwini; ukumamatheka ebusweni bakhe. Leyo nduku endala ishaya umgwaqo. Kodwa, mfowethu, wayeno “ISHO KANJE INKOSI.”

155 “ISHO KANJE INKOSI.” Wahamba wakhuphukela ngqo ebusweni bukamongameli noma benkosi, wathi, “Ngeke kubekhona ngisho amazolo avela ezulwini Ngize ngiwubize.” Kwakuyini na? Wayenokuthunywa. Ngabe lana ngosuku olulandelayo na? Qhabo. Wayenesiqinisekiso sakho. Niyabo?

156 Yathi, “Sukuma lapho, Eliya, bese uhlala phansi. Ngikuyalile ukuthi ube nabalindimasango nezinceku ezizokondla.” Ngakho-ke amagwababa amondla.

157 Futhi ngenkathi esesentabeni lapho ngelinye ilanga, “O,” inkosi yathi, “akukho lutho kulowomfo. Ngizothumela amadoda angamashumi amahlanu phezulu. Angikholwa ukuthi akalutho ngaphandle kohlanga oludala. Besingamazi yini lapha, ekhuluma ngoJezebeli, umkami, egcobe upende nakho konke okunjalo, ekhuluma ngakho konke lokhu kuphila kwesimanje na?”

158 Futhi siphila ngokulandela isibonelo senkosikazi yokuqala, njengoba kwenza iningi lethu bantu bePentecostal! Ya. Kunjalo. Abesifazane bethu bePentecostal, lezo zinwele ezinkulu kakhulu eziyinkimbinkimbi kanjalo, yebo, ya, befaka opende, bezipenda, begqoke izikhindi. NeBhayibheli lathi, “Kuyisinengiso emehlweni kaNkulunkulu.” Ungakwenza kanjani lokho na? Kunjalo. Ngani, uyazi, uma uzisholo wena, dadewethu, wena, kukhona okuwile, uma ungaba nezinwele eziphunguliwe, futhi iBhayibheli lithi. . .

159 Manje, iningi lenu besifazane bePentecostal anizukuzipenda. Akukho lutho eBhayibhelini ngalokho. Kodwa-ke nizozigunda izinwele zenu. Futhi iBhayibheli lasho, ukuthi, “Owesifazane ogunda izinwele zakhe akahloniphekile.” Kunjalo.

160 Futhi nizogqoka izikhindi, noma lezi ezincane ezindala. . . Yini i. . . Niyabo? Noma ngabe kuyini, kubukeka njengezingubo zokugqoka zendoda. Futhi iBhayibheli lasho, ukuthi, noma yimuphi owesifazane ozogqoka ingubo enjengaleyo, “Kuyisinengiso emehlweni kaNkulunkulu.” Ngamanye amazwi, “Ku—kunuka kabi, kuNkulunkulu. Kubukeka kabi.” Futhi-ke uma unoMoya oNgcwele kuwe, onguNkulunkulu, ungazigqoka kanjani futhi ube usazisho ukuthi unoMoya oNgcwele na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngani, impilo yakho uqobo iqinisekisa ukuthi kukhona okungahambi kahle ngawe. Kunjalo.

161 Ngiyazi ukuthi lokho kuyahangula, kodwa ngi—nginitshela ukuthi yini indaba namhlanje ebusuku. Sidinga ukuhangelwa okuthe xaxa yilokho abakudingayo, okunye ukubhaxabulwa

okungaphezulu. Kunjalo. Yinkathazo, siyekela phansi kulezo zinto. Mfowethu, ake ngikutshela, ufanele ufunde o-ABC bakho ngaphambi kokuba usukume uqhubekele phambili, uyabo, kunjalo impela, ukukholwa njalo ukuthi iZwi likaNkulunkulu liqinisile. Akunandaba ukuthi kuyini, qhathanisa nje nalokho. Yebo, mnumzane.

¹⁶² U-Eliya ehleli phezulu esiqongweni sentaba lapho, futhi uNkulunkulu wathi, “Manje, angeke uphazamiseke.” Wathi, “Ngizokuthumela phezulu lapho baze labo bantu baphenduke.”

¹⁶³ “O,” kwasho u-Ahabi, “asikho isidingo sokuthi senze noma yikuphi ukuphenduka. Lolo hlanya oludala, alwazi ukuthi lukhuluma ngani. Lingomunye walabo bagigqiki abangcwele abadala. Nje si... Nginikeni amadoda angamashumi amahlanu akhethiweyo. ‘Khuphukela lapho bese wehlisa lolo hlanya oludala.’”

¹⁶⁴ Ngiyasibona leso sikhulu esithunyelwe sithi, “Yebo, mnumzane. Nginomyalo wakho, mnumzane. Ngizombuyisa khona manje.”

¹⁶⁵ Nangu eza, emasha, i—insimbi isakazeka phansi, lezi zinkemba ezinkulukazi nemikhonto, namadoda angamashumi amahlanu abakhethwe ngabaqaphi baka-Ahabi eza ekhuphuka igquma kanjalo.

Nakho kwahlezi u-Elija phezulu lapho elangeni elishisayo, eqalaza *kanjalo*.

¹⁶⁶ Bathi, “Hheyi! Siyakulandela, mfana. Sinemininingwane esichazayo lapha. Singonogada abaqapha u-Ahabi. Siyakulandela. Sizokubuyisela emuva.”

¹⁶⁷ Wavuka, wathi, “Yebo, nginemininingwane engichazayo, nami. Uma ngiyindoda kaNkulunkulu, makuwe umlilo uvela ezulwini.” Kwakuyini na? Kwakuyisiqinisekiso. Yebo, mnumzane.

¹⁶⁸ ENtabeni iKarmeli, ngenkathi enelamanqamu phakathi konkulunkulu bamanga noNkulunkulu weqiniso. Wabeka umhlatshele ngaphandle, waphumela lapho, wayesethi, “Nkosi Nkulunkulu ka-Abrahama, ka-Isaka, no-Israyeli, makwazeke namuhla ukuthi Wena unguNkulunkulu kwa-Israyeli, futhi ngiyinceku yaKho, futhi ngikwenze konke lokhu ngomyalo waKho.”

¹⁶⁹ “Shumayela iZwi,” ngokuyala kwaKho, Nkosi, “kulo lonke izwe, kukho konke okudaliweyo. Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Umyalo wakho.

¹⁷⁰ “Manje, Nkosi, makwaziwe ukuthi Ungitshela ukuthi ngenze lokhu. Ungithumile ukwenza lokhu, manje kuqinisekise, Nkosi.” Futhi cishe ngaleso sikhathi, kwehla umlilo uvela ezulwini. Kwakuyisiqinisekiso sakho. WayeneZwi. Niyabo?

¹⁷¹ UNkulunkulu uhlala eqinisekisa iZwi laKhe. Yena, Unikeza isiqinisekiso seZwi laKhe. Manje, siyazi ukuthi lokho kuliqiniso. O, kukangaki, lokho! Sinabalingiswa abahlukahlukene lapha abangaqhubeka behle ngqo. Kepha ukonga isikhathi. . .

¹⁷² UJesu, ngenkathi Efika emhlabeni, futhi bathi, “Yena, enguMuntu, uzenza uNkulunkulu na? O, he! Yebo, siyazi ukuthi Wayengubani. Wazalwa eyivezandlebe. Ngani, Akanakho ngisho. . .Siyamazi unina waKhe, uMariya, noJosefa. Baba nalowo mntwana ngapha- . . .”

¹⁷³ UJesu wathi, “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikhholwa. Awukholwa ukuthi nginguMesiya na? Imisebenzi eNginyenzayo iqinisekisa lokho eNgizisho ukuthi ngiyikho. Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningakukholwa. Kodwa uma Mina ngenza imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke kholwani imisebenzi, ngisho ngabe aniNgikhholwa.” Lokho kwaba isiqinisekiso. Kwabafanela kanjani lokho na? Impela. Wathi. . .

¹⁷⁴ UNkulunkulu, lowo uNkulunkulu amthumelayo, uNkulunkulu uyamvikela. UNkulunkulu uyaliqinisekisa iZwi. Uma uNkulunkulu ethumele inxusa ndawondawo, ukuba lenze okuthize, Ufanele aseke lokho kuthunywa. Kunjalo impela.

¹⁷⁵ Wathi, “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ni—ningaNgikhholwa, kodwa,” wathi, “yona kanye imisebenzi eNginyenzayo iqinisekisa ukuthunywa kwaMi.” Amen. Lokho impela kwabashaya kwabasakaza kabi. Akukwenzanga na? “Imisebenzi eNginyenzayo.” Ya. Yebo, mnumzane. “Uma ungakwenza, uma ungakholwa ukuthi Ngangithunywe uNkulunkulu, khona-ke into okufanele uyenze ukukholwa ukuthi, imisebenzi eNginyenzayo, noma, ake ngikubone nawe wenza imisebenzi efanayo,” nabo-ke, “uma ningaNgikhholwa.” Ku. . . O, he!

Kukhona abanye babo abaMkhholwayo.

¹⁷⁶ Ngenkathi owesifazane emthonjeni ebona isibonakaliso saKhe sobuMesiya, wathi, “Siyazi ukuthi uMesiya uyakwenza lokho.” Wahamba wase etshela abantu, wathi, “Wozani, nibone Lowo engimtholile, iNdoda engitshela zona kanye izimfihlo zenhliziyoyami. Akuyena yini lowo Mesiya na?”

¹⁷⁷ UNathanayeli omdala, ngenkathi ebuya noFiliphu, noJesu. . .wakhuphukela eBukhoneni bukaJesu, futhi uJesu wathi, “Bheka umIsrayeli okungekho nkohliso kuye.”

¹⁷⁸ Manje, wayeyindoda eqeqeshiwe, ngoba wayelazi iZwi. Wayazi ukuthi uMesiya wayezoba ngumprofethi kaNkulunkulu. Ngakho-ke bazi ukuthi uMose wayekushilo lokho. “INkosi uNkulunkulu wakho izakuvusela umprofethi.” Uyazi futhi, ukuthi uNkulunkulu wathi, “Uma kukhona omunye phakathi kwenu, ongowomoya noma umprofethi, Mina, iNkosi, ngizomqinisekisa. Ngizo. . .Lokho akushoyo, kufenzeke,

khona-ke kukholweni.” Niyabo? Babefuna ukuthola ukuthi ngabe Wayenguye yini. Babazi ukuthi kwakufanele kuvuke umprofethi cishe ngalesosikhathi, futhi bafuna ukwazi ukuthi Wayengubani.

¹⁷⁹ Ngakho-ke wakhuphukela phambi kukaFiliphu, futhi uFiliphu wamtshela okufanele akwenze. Noma, uFiliphu wamyisa eBukhoneni bukaJesu, njalo.

¹⁸⁰ Futhi ngenkathi enyukela phambi kukaJesu, uJesu wathi, “Bheka umIsrayeli okungekho nkohliso kuye.”

“Ungazelaphi, Rabi na?”

¹⁸¹ Wathi, “Ngaphambi kokuba uFiliphu akubize, ngenkathi uphansi komuthi, Ngakubona.”

¹⁸² Wathi, “Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu.” Zazilapho-ke izincwadi eziMchazayo.

¹⁸³ Owesifazane emthonjeni, ngenkathi Emthola emi lapho emthonjeni, Wathi, “Ngiphuzise.”

¹⁸⁴ Wathi, “Akusilo usiko. Uyaphuma nya osikweni lwethu—lwethu—lwethu lapha. Sihlukene ngokwehlukana. Thina maJuda namaSamariya asinanhlanganyelo komunye nomunye. Wena uyindoda, umJuda, nami ngingowesifazane waseSamariya, kwenzeka kanjani ukuthi Ungicele ukuba ngenzele Wena umusa, ngilethele Wena amanzi na?”

¹⁸⁵ Wathi, “Sifazane, ukube ubazi ukuthi Ubukhuluma nobani, ubuzocela kiMi amanzi.”

¹⁸⁶ Wayesethi, “Ngani, umthombo ujulile. Awunalutho ongakha ngalo.”

Wathi, “Amanzi eNginikezela ngawo awekho kulowo mthombo.”

¹⁸⁷ Iyaqhubeka, yaqhubeka, ingxoxo yahamba isikhashana, niyabo, kuze kube Yena, lokho Azama ukukwenza: Ukuxhumana nomoya wakhe, khona-ke Wabe esethola ukuthi inkathazo yakhe yayikuphi. Wathi, “Hamba ulande indoda yakho bese uza lapha.” Mfune, wazi ukuthi Wayengubani. Wathi, “Hamba, ulande indoda yakho bese uza lapha.”

Wathi, “Anginandoda.”

¹⁸⁸ Wathi, “Kunjalo. Ube namahlanu, nale ohlala nayo manje akuyona indoda yakho.”

¹⁸⁹ Wathi, “Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi.” Wathi, “Siyazi lapho uMesiya efika Uzokwenza lokho.”

Wathi, “NgiNguye okhulume nawe.”

¹⁹⁰ Ungena emzini. Kwaqinisekiswa kuye. Wangena edolobheni wayesethi, “Wozani, nibone uMuntu Ongitshela izinto engizenzile. Akuyena yini lona kanye Mesiya na? Lokho akusiso yini isiqinisekiso sokuthi Unguye na?”

191 UJesu wathi, “Yona kanye imisebenzi eNgiyenzayo iqinisekisa ukuthunywa kwaMi.” Kunjalo. UNkulunkulu waMthuma. Wayezoba yilowo Mprofethi.

192 Niyazi, bathi kuJohane, “Wena awusuye u-Eliya na? Wena a—awusuye omunye wabaprofethi na? Wena ngabe unguye lowo Mprofethi obezokuza na?”

193 UJohane wathi, “Angisiye. Kodwa Yena umi phakathi kwenu, ndawo ndawo. UyoZifakazela lapho Efika, ngoba uNkulunkulu uzoMqinisekisa.” Kunjalo impela. Uma umuntu ethunywe nguNkulunkulu, uNkulunkulu ubophezelekile ukuqinisekisa lowo muntu, kunjalo impela, ukuthi uthunyiwe. O, yebo, isiqinisekiso.

194 Umuntu owazalwa eyimpumputhe, wayenobufakazi obukholisayo impela bokuthi WayenguMesiya. Manje, indoda ezihluphekelayo, ayizange—ayizange... Ngenkathi lezozazi zezenkolo zonke zambamba phakathi esixukwini phezulu lapho, zase zithi, “Awusho, siyazi ukuthi wazalwa uyimpumputhe.” Zathi, “Siyazi ukuthi—ukuthi wawungenazo izinhlamvu zamehlo, ngisho nasezingoxeni.” Zathi, “Siyazi ukuthi wazalwa uyimpumputhe.” Zathi, “Ngubani okuphulukisile na?”

195 Futhi wathi, “UMuntu ungitshele ukuthi ngiphulukisiwe.” Wathi, “Ngiyazi Yena ngiphulukisile.” Wathi, “Ngi—ngi—ngiyakwazi.”

196 Zathi “Awu, manje, lowo Muntu uyisoni. Siyazi Uyisoni, ngoba Akazange ajoyine inhlangano yethu. Akazange eze ngakithi. Akafundisi imfundiso yethu. Umelene nathi.” Zathi, “Thina, siyazi ukuthi Angeke abe ngokaNkulunkulu. Siyazi ukuthi kukhona okungahambi kahle ngaYe, ngoba Akavumelananga nathi.” Zathi, “Lo Muntu uyisoni.”

197 Manje, le mpumputhe ezihluphekelayo ayikwazanga ukuphikisa iphuzu. Yayingesiso isazi sezenkolo. Yena, akakwazanga ukuphikisana nephuzu. Yathi, “Manje...” Kepha yaba nempikiswano ekholisayo impela nayo. Yathi, “Ukuthi Uyisoni, noma qha, angazi. Kodwa lena yinto eyodwa engiyaziyo,” amen, “lapho ngake ngaba yimpumputhe, manje sengiyabona.”

198 Ngizwile abantu bethi Lesi kwakuyisigejane sabantu abasanganayo. Ngibe nabantu abangitshelayo, ngenkathi ngemukela uMoya oNgeweke, ukuthi ngilahlekelwe yingqondo yami. Awu, noma ngabe kunjalo, noma qhabo, angazi. Kepha kunento eyodwa engiyaziyo: lapho ngake ngaba yisoni, manje sengisindisiwe. Kunjalo. Lapho ngangilahlekile, manje sengifunyenwe. Ungakubiza ngobuhlanya, noma yini oyifunayo, kodwa kuyiqinisekiso kimi ukuthi UsenguJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade. Kunjalo. Yebo.

199 Yena—yena—wayenobufakazi. Wayenenkulumo ekholisayo impela ukuthi Waye... Yena—Wayenakho... ukuthi

WayeyiNdodana kaNkulunkulu, ngoba Wayenze izinhlamvu zamehlo kumuntu owayengenazo izinhlamvu zamehlo. Yebo, mnumzane. Ngamanye amagama, indoda eyimpumputhe ibingathi, “Bengilokhu ngiza ebandleni lakho sonke lesi sikhathi. Angiboni lutho olunjalo lwenzeka ngalapha. Bese kuthi-ke uma Edale izinhlamvu zamehlo, akekho uMdali ngaphandle kukaNkulunkulu. Ibingaqhamukaphi na? Ake sikubone ukwenza. Ake sibone indlela okwenza ngayo.”

²⁰⁰ Babefanele bathule. Bona bekhuluma ngoNkulunkulu ongaphezu kwemvelo, uMdali omkhulu wamazulu nomhlaba, futhi akakwazanga ukudala impilo enhle. Niyabo? Nakho lapho okhona. Ayikwazanga ukudala lutho.

²⁰¹ Kodwa nangu uJesu eza wase efaka izinhlamvu zamehlo kumuntu owayengenazo izinhlamvu zamehlo, wazalwa eyimpumputhe. Ngiyakutshela, lokho kuyakholisa. Ubufakazi bukaphudingi ngukuwudla khona-ke. Kunjalo impela. Ngakho-ke wayenobufakazi obubonakalayo bokuthi Wayenguye. Kunjalo.

²⁰² Ngicabanga uPawulu, phandle lapho ngalobobusuku, lapho izinsuku eziyishumi nane nobusuku, futhi kungekho nyanga, izinkanyezi, noma lutho, phandle kulolo lwandle; umfo omncane ompofu ehudulela lawomaketango enqanaweni yomkhumbi wakudala onamanzi amaningi, futhi usuthi awulungele ukwehla. Bebekulahlile konke ukudla nezinto, futhi amatilosi ayengadlanga izinsuku eziningi. Futhi ehudula lamaketanga, ekhuluma ngoJesu owake waphila, ekhuluma ngoJesu owabethelwa.

²⁰³ Ngicabanga lawo masosha namatilosi athi, “O, bandla, thula!”

²⁰⁴ Waqhubeka nje nokuhamba enqamula, ethi, “Kodwa, niyazi, Unguye izolo, namuhla, naphakade,” ehamba nje, enqamula endaweni eyisicaba emkhunjini, edonsa lamaketanga.

²⁰⁵ Wathi, “Bheka umfana oboshwe ngamaketanga, umfo eya ngale kuKhesari laphaya, ngaleya eRoma, ukuba alahlwe. Indoda izofanele ife, bese-ke ikhuluma ngokuthize ngenkolo. O, thula!”

²⁰⁶ Futhi babeqhubeka nokudonsa. Kepha, ngobusuku obubodwa, lapho wonke amathemba lingasekho! O, he.

²⁰⁷ Njalo lapho umbani ubanika, igagasi, odeveli abayizinkulungwane eziyishumi behleli kulezo zilwandle, bathi, “Sikutholile manje, Pawulu. O, uzokubuyisela emuva.”

²⁰⁸ “Qhabo, mnumzane. Unguye izolo, namuhla, naphakade. Kunjalo. Ngiyazi ukuthi Wangitshela ukuthi ngiye eRoma.”

²⁰⁹ Nangu, uyayendezela, umkhumbi usuthi awulungele ukwehlela phansi. Cabanga nje, ilanga, inyanga, noma izinkanyezi kwakungakhanyanga izinsuku eziyishumi

nanhlanu, noma izinsuku eziyishumi nane. Isimo esibi leso; umkhumbi omdala ogcwele amanzi, nento isithi ayishone phansi, yonke into kanjalo.

²¹⁰ Wayemi phansi egosini elingaphansi lomkhumbi, ngobunye ubusuku, ekhuleka, ngokungangabazeki, futhi lapho kufika umbono. INgelosi yeNkosi yabonakala kuye, yathi, “Ungesabi, Sawulu. Konke kuhamba kahle.”

²¹¹ Nangu eza, egijima, enomyalo, enyakazisa lawo maketanga, ethi, “Qinani isibindi. Yibani nokukholwa okuhle, ngokuba uNkulunkulu engimkhonzayo uthumele iNgelosi yaKhe izolo ebusuku. Ngabona umbono, futhi Wangitshela ukuba ngingesabi, ngoba kwakungeke kube nempilo elahlekile kulo mkhumbi. Ngakho-ke, bazalwane, thathani ukudla okuncane, nithokoze nje. Konke kuhamba kahle.”

²¹² Ngithanda ukucabanga ukuthi babezizwa bethi ukuxaka kancane. Kodwa ngenkathi bethola umkhumbi omdala uphumule ethekweni ngaleya, kwaqinisekisa ukuthi uPawulu wayethunywe evela kuNkulunkulu futhi wazi ukuthi wayekhuluma ngani. UNkulunkulu wakuqinisekisa.

²¹³ “Uma kukhona omunye phakathi kwenu umprofethi, futhi akushoyo kufezuke, ngakho-ke muzweni, ngoba Nginaye.” Kunjalo.

²¹⁴ Ngenkathi, abomdabu bakulesi siqhingi, abantu bakulesi siqhingi, ngenkathi bembona ecosha izinkuni, base bethi, “Lowo kumele kube ngumbulali omubi kabi, onke lawo maketango kuye.”

²¹⁵ UPawulu omncane bandla, esethi akagodole, nezingubo zakhe zimanzi zonke, weza ngapha wase ecosha isigejane yezinkuni, wase eqala ukuzibeka emlilweni. Futhi inyoka eyamluma esandleni yayizombulala, he, ngomzuzwana. UPawulu wayibuka, *kanjalo*, wayesethi, “Nkulunkulu, Ungitshela ukuthi bengisafanele ukuya eRoma.” Wayinikanela emlilweni, wase ebuyela emuva futhi wathola ezinye izinkuni.

Bathi, “Mbhekeni ewa efa.”

²¹⁶ Imizuzu embalwa, bakushintsha. Ngani na? Ukuthunywa kwakhe kuqinisekisiwe. Bathi, “Ungunkulunkulu owehla ezulwini.” Kunjalo.

²¹⁷ Wayenesiqiniseko, ngoba uJesu wathi, “Bayakunyathela emakhanda ezinyoka nawofezela, futhi akukho lutho oluzobalimaza.” Yebo, mnumzane. Waye—wayeno—ubufakazi obubonakalayo ukukufakazisa.

²¹⁸ Manje sengizoshesha, bangane. Ngingahlala lapha nani ubusuku bonke kanjalo. Kepha ezinye izinto ezimbalwa nje.

²¹⁹ Manje, umprofethi wathi, “Kuyofika usuku olungeke lubizwe ngemini noma ubusuku, usuku olukhwantabele,

olunenkungu, olunokufiphala, kodwa,” wathi, “ngesikhathi sokuhlwa kuzoba ukuKhanya.” Kunjalo.

²²⁰ Ilanga liphuma empumalanga, futhi lishona entshonalanga: i-l-a-n-g-a. Impucuko ihambe isuka empumalanga yaya entshonalanga. Kodwa lapho iN-d-o-d-a-n-a ivuka, ukuKhanya kwehlela phezu kwabantu basempumalanga.

²²¹ Manje sesibe nosuku lwenhlangano, amahlelo, nabantu bemukela uKristu, futhi baba nokuKhanya okwanele ukuthi bangazi ukuthi WayenguNkulunkulu. Futhi bahamba ekuKhanyeni, kanjalonjalo. Bakhe amasonto, namasonto amakhulu amahle, nezikole, kanjalonjalo. Kube kuhle lokho.

²²² Kodwa, khumbulani, kwakuthenjisiwe ukuthi onke amafu ayosuka ngesikhathi sokuhlwa. Isikhathi sokuhlwa manje. Futhi lapho amafu esesuke onke, yona leyo Ndodana, iN-d-o-d-a-n-a, eyakhanyisa amandla aYo ngoMoya oNgcwele phezu kwabantu basempumalanga, iye, eminyakeni engamashumi amahlanu edlule, yahlakazela emuva amafu amahlelo nakho konke, futhi yathululela phansi uMoya oNgcwele phezu kwabantu basentshonalanga. Lokho, iNdodana efanayo, uMoya oNgcwele ofanayo, isibonakaliso esifanayo, iziNkanyiso ezifanayo, amandla afanayo, ubufakazi obubonakalayo obufanayo, yonke into efanayo eKwakuyiyo. Futhi iVangeli lishunyayelwe ngamandla nangokubonisa, noma kuphi emazweni. Kunjalo. Kunjalo. Emhlabeni wonke, izibonakaliso nezimangaliso zilandela amakholwa.

²²³ Lapha, eminyakeni embalwa edlule, bathi, “Leso sigejane,” sathi, “ngani, awusoze wakwazi.” Wathi, “Abasoze bakwazi ukukunqumisa.” Sathi, “Bayigejane nje esincane ezansi lapho e—emgwaqweni ndawo ndawo, enepani lethini ndawo ndawo, beshaya ithamborini encane.”

²²⁴ Kodwa, mfowethu, lowo mlayezo, nabantu abanenhliziyi elambile udele ukudla kwabo ngenxa yabantwana babo, nakho konke okunye, futhi uxhase lezo zithunywa zenkolo, laze lasuka empumalanga, entshonalanga, enyakatho, eningizimu. Noma kusiphi isizwe ongena kuso, kunemililo yepentekoste evutha ngamandla kaMoya oNgcwele.

²²⁵ Ngiye kude kakhulu ngangena emenweni, abantu baze abangazi isandla sokudla nesobunxele. Babazi uNkulunkulu lutho nje kunesithombe esibaziwe esithile laphaya. Kunjalo. Ngingama lapho bese ngibeka iZwi phansi impela nje. Bese-ke uMoya oNgcwele wenza izibonakaliso nokukhombisa, utshele abantu ukuthi bangobani, izimfihlo zezinhliziyi zabo, ubakhombise ukuthi uJesu wathi, “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza.”

²²⁶ “Lo muntu, Angilazi igama lakhe, kodwa ngizolipela, futhi ngihumusheleni lona.” Ngizofanele ngipele mhlawumbe *kangako*, ukuze ngikukhiphe *kanjalo*.

“Amen. Kunjalo.” Babehlala futhi babheke.

²²⁷ Ngithi, “Manje, uJesu wathi, ‘Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza.’ Lesi kwakuyisibonakaliso saKhe sobuMesiya.”

²²⁸ Futhi uJesu useduzane kakhulu nokuza emhlabeni manje, kuze kube yilapho amandla aKhe eseqalile ukubamba abantu, futhi ebaqinisa, ebalungiselela uMlobokazi, elungiselela ukuhlwithwa oHlwithweni, iBandla elizolingana nje ncamashi, ukuba liyiswe phezulu. Ngamandla aLo, liyodonsela bonke abanye babo abazelwe ngokusha, abaphuma emhlabeni. UJesu uyeza.

²²⁹ Njengoba isandla sami esincikene nodonga singenza isithunzi, ngakhulu, leso sithunzi siyajula futhi sijule futhi sijule, kakhudlwana lapho isandla sami sisondelela, futhi ngemuva kwesikhashana isithunzi nesandla sami kuba kunye.

²³⁰ Nebandla laqala ngesikhathi sikaMartin Luther, ngaphansi kokulungisiswa; ngaphansi kukaWesley, ngokungcweliswa; futhi manje embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, namaPentecostal, ukubuyiselwa kweziphiwo. Futhi kulabobantu bePentecostal Udonsa leyonsali phezulu *lapha*, ukukhombisa uJesu Kristu, abonakalise ukuPhila kwaKhe ngokufanayo izolo, namuhla, naphakade, ncamashi, lapho iZibani zokuhlwa zikhanya. Kunjalo impela.

²³¹ Bhekani, ngqo esibonakalisweni sesayense, esinaso ngqo eWashington, DC, leyo nsika yoMlilo efanayo. Bangaki oke waKubona, lezo ziNkanyiso na? Impela. Yonke indawo. Niyabo? Niyabo? LeyoNsika yoMlilo efanayo eyahlangana noPawulu, endleleni eyehlela eDamaseku. UJesu, ngenkathi Esemhlabeni...

²³² Noma ngubani uyazi ukuthi uKristu, ukuthi—ukuthi iNsika yoMlilo, iNgelosi yeNkosi eyakhapha u-Israyeli aphume eGibhithe, angene ezweni lesethembiso, kwakuyiNgelosi yesivumelwano. Noma ngubani uyakwazi lokho. Impela. Awu, lowo kwakunguKristu.

²³³ Ngoba, iBhayibheli lasho, ukuthi, “UMose wakhetha ukuthukwa kukaKristu ingcebo enkulu kunengcebo yaseGibhithe.” Futhi wahamba noKristu, ngaphambi kokuba Abe yinyama, futhi wakulandela lokho kuKhanya.

²³⁴ UJesu, ngenkathi esemhlabeni, wathi, “Ngivela kuNkulunkulu, futhi ngiya kuNkulunkulu.” BaMbethela. WayenguMsindisi owafela izono zethu, futhi waMngcwaba. Wavuka wenyukela kweliPhezulu.

²³⁵ Futhi ezinyangeni ezimbalwa emva kwalokho, uPawulu wayesendleleni yakhe eya ezansi eDamaseku, futhi washaywa phansi ukuKhanya. Isigejane samasosha kanye naye, akekho noyedwa kubo owaKubona. Akekho kubo owaMbona ngaphandle kukaPawulu kuphela. Kodwa Kwaku kakhulu—

kwabaluleke kakhulu kuye, kwaze Kwakhipha amehlo akhe. Wayephuphuthekile isikhathi esithile. Futhi wabheka phezulu lapho, naleyo Nsika enkulukazi yomlilo ilenga phambi kwakhe, futhi Wathi, “Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?”

Wathi, “Ungubani, Nkosi?”

²³⁶ Wathi, “NginguJesu, futhi kulukhuni kuwe ukukhahlela emeveni.”

²³⁷ Manje, lowoMoya oNgcwele ofanayo, siWuthola khona ngqo phakathi kwabantu bepentecostal namhlanje, ukuKhanya kwakusihlwa, phansi ngqo phakathi kwabantu bepentecostal. Ini na? Ukushumayela iVangeli elifanayo, unikeza ukuqinisekisa kweVangeli elifanayo. Izibonakaliso ezifanayo ezalandela lapho ziyizibonakaliso ezifanayo ezilandelayo manje.

²³⁸ Futhi uma leyoNsika yoMlilo, noma ukuKhanya, esinakho kanye nathi, kungavezanga uMoya ofanayo nobufakazi obufanayo Okwakwenza ngenkathi KukuJesu Kristu, khonake bekungaba yinsika yomlilo engesiyo, umoya ongesiwo, kube into engesiyo. Kodwa uma Kuveza futhi kwenza khona impela lokho okwenziwe nguJesu, ngenkathi Eth i . . . “Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.” Kunjalo.

²³⁹ “Ngaphezu kwalokhu uzokwenza, ngoba ngiya kuBaba waMi.” IKing James ine “mikhulu,” kodwa bukani kwelasekuqaleni, kuthi, “eminingi.” Ubungeke wenza noma yikuphi okukhulu. Wavusa abafileyo, futhi wamisa imvelo, nakho konke. Kodwa Wayengenza okungaphezulu kwakho, ngoba uMoya oNgcwele wawungekho kuMuntu oyedwa kuphela, uKristu, iNdodana kaNkulunkulu, WawuseBandleni jikelele. “Okuningi kwalokhu niyakukwenza, ngoba ngiya kuBaba waMi.” O, he!

²⁴⁰ Inkonzo yakhe efanayo imelwe lapha ezinsukwini zokugcina. Hlobo luni lwenkonzo Ayenalo na? Mbhekeni, njengoba benginilethele phansi, ngifakazisa kubo.

²⁴¹ Ake sithathe umJuda oyedwa. “Weza kwabaKhe; AbaKhe abaMamukelanga.” Wona kanye amadoda eza kuYe kwakungu-Andreya noFiliphu. Angazi ukuthi kwenzekani kuleyo ngxoxo, endlini noJesu ngalobo busuku ngesikhathi beMlandela. Kodwa ngakusasa, u-Andreya waneliseke ngokuphelele ukuthi lowo kwakunguMesiya. Wambonisa okuthize, waze waqonda ngqo kuPetru, umfowabo, noma—noma uSimoni, wayesethi, “Ungezi manje futhi asihambe futhi sibone uma lokhu kuyikho.” Wathi, “Simtholile uMesiya.”

²⁴² Ngiyacabanga uPetru esethi manje, “Manje, Andreya, manje ake ngikutshale okuthile, ndodana. Manje, uyazi ukuthi ubabayi wethu omdala wayengumFarisi olungile. Futhi wasitshela, Ngiyakhumbula ngihlezi eceleni kwesikebhe ngolunye usuku, wathi kimi, wathi, ‘Manje, manje, manje, Simon, ubabayi ubelindele ukubona uMesiya. Futhi ngokungangabazeki

kepha ngaphambi kokufika kukaMesiya kuzoba nazo zonke izinhlobo zezinto ezenzekayo, zonke izinhlobo zezinkoloze ziyavuka. Kepha ake ngiqiniseke...’ Futhi kwakukhona. O, yebo. Abantu beza, bahola izinkulungwane, futhi babhubha, nayo yonke into. Kepha, wathi, ‘Kepha ake ngikutshele. Sifanele ukuhlala neZwi, Simoni. Manje, iBhayibheli lithi, uMose, inceku yethu, inceku kaNkulunkulu kithi, wasitshela, ukuthi, “INKosi uNkulunkulu wethu izomvusa lo Mesiya, futhi Uzoba ngumprofethi onjengoMose.” Manje, manje, Simon, uma umbona osukwini lwakho... sengimdala kakhulu manje. Ngeke ngiMbone osukwini lwami. Kodwa uma—uma uMbona osukwini lwakho, khumbula, Uzoba nguNkulunkulu-Mprofethi.” Ngakho-ke uSimoni wayenalokho enhliziyweni yakhe. Wathi, “Kulungile, Andreyu. Ngizokwenyukela emhlanganweni.”

²⁴³ Ngokushesha nje lapho enyukela phezulu eBukhoneni beNkosi uJesu, Wathi, “Igama lakho unguSimoni. Uyihlo kwakunguJona.” Lokho kwakuxazulula. Wanikwa izikhiye zoMbuso. Leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya.

²⁴⁴ Nakhu kuza omunye umJuda oqinile, wathi, “Manje, awume kancane. Ukube uMesiya ubezofika, Ubezokwehla ngamaphaseji aseZulwini, futhi ehlele ethempelini lethu elikhulu elihle esilakhile lapha ndawo ndawo, njengabanye abantu ngalapha bakholwa ukuthi Uzofika ethempelini elithile. Futhi Uzokwehlela lapha, futhi Uzokhanyisela phansi ngqo *lapha*, neziNgelosi zizobe zibhakuzisa amaphiko azo, konke. Zithi, *Lo nguMesiya. Lo nguMesiya. Lo nguMesiya.*’ Kuzoba njalo.”

²⁴⁵ Ngiyamuzwa uFiliphu ethi, “Ima kancane. Awuhambisani nomBhalo ngalokho. Hlala neZwi. Yini uMose asitshela yona ukuthi uMesiya wayezoba yiyo na? ‘INKosi uNkulunkulu wakho izakuvusa umprofethi.’ Uyalikhumbula lelo khehla elalivame ukuba ngaleya, elibizwa ngoPetru, uSimoni na?”

²⁴⁶ “Yebo. O, lowomfo omdala owayengenayo imfundo na? Yebo. Ngiyamkhumbula. Ya. Ngiyamkhumbula.”

²⁴⁷ “Wena—uthenge izinhlanzi ezithile kuye, futhi akakwazanga ukusayina irisidi lakho.”

“Ya. Awu, ngiyamkhumbula. ngiyamkhumbula. Ya.”

“Ngani, ngenkathi enyuka... Wena uyamazi ubaba wakhe?”

²⁴⁸ “Awu, impela. Impela ngangimazi kahle ubaba wakhe. WayengumFarisi wangempela, yebo, isazi sangempela. Yebo.”

²⁴⁹ “Awu, ngenkathi uSimoni ehamba phambi kwaKhe, Wamtshela ukuthi lalingubani igama lakhe, nokuthi lalingubani igama likayise.”

²⁵⁰ “A, manje ngikholwa ukuthi uhambe ekugcineni ngci. Ake ngihambe, niyabo. Akasoze awufunde umqondo wami. Ngizohamba ngiyothola.”

251 Uhamba ukhuphukela lapho, uBukhona bukaJesu, futhi uJesu wathi, “Bheka umIsrayeli okungekho nkohliso kuye.”

Wathi, “UMtshelile yini ukuthi ubungilandela na?”

Wathi, “Qhabo.”

252 Wathi, “Rabi,” okusho ukuthi *nkosi* noma *mfundisi*. “Wake wangibona nini? Ngisanda kukhuphukela nje kulomhlango kulobubusuku. Uke wangibona nini na?”

253 Wathi, “Ngaphambi kokuba uFiliphu akubize, ngenkathi ungaphansi komuthi, Ngakubona.” Yeka amehlo!

254 Wathi, “Rabi, uyiNdodana kaNkulunkulu. Wena uyiNkosi yakwa-Israyeli.”

255 Kodwa kwakumi labo bazalwane abakhulukazi behlelo bemi lapho. Bathi, “Uyazi ukuthini na? Wenza lokho ngoBelzebule.” Niyabo? Kwakufanele baphendule ebandleni labo. Babenezincwadi ezibachazayo zasemhlabeni.

256 WayenezaseZulwini, niyabo, ngoba uMose wathi, “Uzoba ngumprofethi,” futhi Wayelapha-ke, efakazisa ukuthi WayengumProfethi. Kunjalo. Waqinisekiswa. Ukuthunywa kwaKhe kwaqinisekiswa.

257 Ngakho-ke wathi, “Manje, ngiyazi ukuthi loMfo uyakwenza lokho. Kodwa Yena...” Wayefanele aphenndule ibandla labo. Wathi, “Wenza lokhu ngoBelzebule, Ukhapha amademoni.”

258 UJesu waphenduka, wabona imicabango yabo. Wathi, “Usho lokho ngokumelene naMi, iNdodana yomuntu, Ngizokuthethelela ngakho.”

259 Manje, abakaze bakusho ngokuzwakalayo. IBhayibheli lathi, “Bacabanga ezinhliziyweni zabo, Wayeseyibona imicabango yabo.” Kugcine kulungile. Yebo, mnumzane. Wathi, “Bona, baqonda ezinhliziyweni zabo.” Niyabo? “Wabona izinhliziywo zabo, ukucabanga kwabo.”

260 Wathi, “Manje, uma usho lokho ngokumelene naMi, iNdodana yomuntu, Ngizokuthethelela. Kodwa ngelinye ilanga, ezansi le ezweni labeZizwe, niyabo, uMoya oNgcwele uyofika emva kokuba seNgimukile, futhi Uyokwenza into efanayo. Futhi ukukhuluma izwi elilodwa eliphikisana naKho awusoze uthethelelwe, kulelizwe nasezweni elizayo.”

261 Ngaphambi kokuthi ashiye umhlaba, Wakusho lokhu. Wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu.” Ngifuna ukwenza lokhu kuphawula, bese ngivala. “Njengoba kwakunjalo emihleni kaLoti, ezansi lapho eSodoma,” ake sibone ukuthi kwakuyini.

262 Wabhekisela, okokuqala, e—ezinsukwini zikaNowa. Wabatshela ababekwenza. “Ukudla, ukuphuza, ukuganwa, ukwendisa.”

263 Kodwa ngenkathi Efika eSodoma, bukani ukuthi Wenzeni eSodoma. ESodoma: Ubhekisele *kulokho* ngalonyaka. Manje, khumbulani, abaseSodoma babengabeZizwe. Niyabo? Qaphelani. Futhi kwafika aMadoda amathathu, ngolunye usuku, ku-Abrahama.

264 Kuhlala kunezigaba ezintathu zabantu, okungukuthi: abangakholwayo, abazenzisi, namakholwa. Sisenabo nanamuhla. Kunjalo. Abangakholwa, abazenzisayo, nabakholwayo; AbaseSodoma, abakwaLoti nabakwa-Abrahama.

265 U-Abrahama wayenesithembiso. Wayeyiqembu elikhethiwe, elibizelwe ngaphandle elalizehlukanisile, njengeBandla langempela likaNkulunkulu ophilayo lizihlukanisile nezinto zezwe, ngoba wayethembele esithembisweni sikaNkulunkulu. IziNgelosi zafika kuphi, kuqala na? Ku-Abrahama.

266 Kwenzekani na? Ababili babo behlela eSodoma, uBilly Grahams wesimanje, waphumela eSodoma, washumayela iVangeli, hhayi izimangaliso eziningi, wavele wabashaya ngobumpumputhe. Ukushumayela iZwi kubashaya ngobumpumputhe. Ngakho-ke abenzanga izimangaliso eziningi, kodwa babebiza, “Phumani kukho.”

267 Kodwa kwakukhona Oyedwa owakhuluma no-Abrahama. Niyazi, u-Abrahama wayenomuzwa oxakile. Niyazi, kwakukhona okuthize ngalowoMuntu, okwakhulukile kancanyana, futhi ngakho-ke wayeMbuka kancane, uyazi. Futhi watshela uSara, wathi, “Manje, buyela etendeni.”

268 Kusobala, manje ngalezo zinsuku lapho kufika isihambi, abesifazane babengenzi njengoba benza namhlanje. Bafanele baphume bagijime khona lapho baphume bazikhiphele ngaphandle, futhi bathathe indawo yendoda. “Futhi awukwazi ukuthengisa lokho, John, ngaphandle kokuthi ngikutshela ukuthi ukwenze.” Niyabo?

269 Abesifazane babenokuziphatha okuningi ngalolosuku. Babehlala emuva endlini, niyabona. Ngakho-ke Baphuma lapho, futhi uSara wahlala etendeni.

270 Ngakho-ke wagijima wangena, wathi, “Sara, hlanganisa inhlama kafulawa encane ngokushesha okukhulu. Khipha zonke izigaxa kuyo. Yenza okuthile eziko, isinkwa.”

271 Wahamba wathola ithole, wase elibulala. Wayesehamba, wathi, wabatshela, “Lilungise manje bese ulenze lilungele.”

272 Waphumela lapho wase ethola isihlahla esidala sezimpukane, futhi waqala ukuphunga izimpukane. Futhi wageza izinyawo zaWo.

273 Wayazi, kukhona okuncane okushisayo enhliziyweni yakhe. Ungakusho nje, uyazi, abanye. Wathi, “Kukhona ukuthunywa,

ngiyakholwa. Manje, into kuphela, uma nje ngingabona lokho kuthunywa kuqinisekiswa. Ngikholwa ukuthi Banakho.”

²⁷⁴ Wathi, “Uyazi, Wena—Wena wedlule, ukuzongibona. Yingalesosizathu Uze ngapha.” Lokho kwakunjalo. Niyabo? “Hlala phansi ngaphansi kom-oki, kancanyana, bese uyaphumula.” Ngakho-ke wawageza izinyawo zaWo, ngenkathi belungisa izinto.

Bahlala phansi badla.

²⁷⁵ Futhi—futhi lowo kwakunguNkulunkulu, uNkulunkulu uSomandla. IBhayibheli lathi kwakunguye. Bheka lapho bese ubona ukuthi akusho yini ukuthi usonhlamvukazi N-k-o-s-i, u-Elohim. Kunjalo.

²⁷⁶ Njengoba omunye umuntu asho, izikhathi eziningi, wathi, “Awukholwa ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu.”

Ngathi, “KwakunguNkulunkulu. IBhayibheli lathi kwakunguye.”

“Wena . . .” Wathi, “UNkulunkulu kulowomzimba, edla inyama?”

²⁷⁷ “Impela kwakunjalo. IBhayibheli lasho njalo. Awu—awuqondi ukuthi Mkhulu kangakanani.” Kunjalo. Ngiyajabula ukuthi Angakwenza lokho.

²⁷⁸ Awu, ukuphela kwento, niyazi, senziwe nje ngezakhi eziyishumi nesithupha: ipetroliyam, ukukhanya kwe-khosmiki, ikhalsiyamu, iphothashi, nezinto ezimbalwa ezinjalo. Awu, Wavele weluleka wase ethatha idlanzana lazo, wathi “Whewu! Ngena lapho, Gabriyeli,” niyabo, iNgelosi. Wathola okunye okuyidlanzana, wathi, “Whewu!” Wathi, “Ngena kulokho, Mikhayeli.” Wathi, “Whewu!” wangena kukho, qobo lwaKhe. Ngijabule kakhulu ngalokho. Niyabo? Waphuma ehamba, wathi, “Ngiya ezansi.” Lowo nguNkulunkulu wethu.

²⁷⁹ Ezinye zalezi zinsuku, zonke lezi zakhi zizohamba. Kodwa Uzothi, “William Branham?”

Ngoyothi, “Ngilapha, Nkosi.” Mkhulu. Ya.

²⁸⁰ Wathi, “Ngifanele ngizimele phambi kwenceku yaMi ezansi lapho, futhi ngifuna ukuba ngumuntu njengaye.” Ngakho-ke Wavele wehla, wahlala phansi lapho, uthuli ezingutsheni zaKhe, wahlala phansi wabe esedla. Wahlala phansi.

²⁸¹ Wayelokhu ebheke ngaseSodoma, niyazi. U-Abrahama wayazi ukuthi kwakukhona okuthile okuzayo, ngoba leyo yindawo endala engcolile, niyazi. Ngakho-ke wayelokhu ecabanga ngakho, kanjalo. Wathi . . .

²⁸² Manje, khumbulani, igama lakhe kwakungu-Abrama, futhi igama likaSara kwakunguS-a-r-a-y-i, uSarayi. Futhi ezinsukwini ezimbalwa ngaphambi kwalokho, uNkulunkulu wayehlange naye embonweni futhi waguqula igama lakhe

laba ngu-Abrahama, negama lakhe laba nguSara, uS-a-r-a. *USara*, “inkosazana.” *U-Abrahama*, “uyise wezizwe.”

Ngakho-ke Wathi, “Abrahama.”

²⁸³ U-Abrahama wathi, “O—o. Ngiyazi ukuthi bengiqinisile. Kukhona okuthize ngaleyo Ndoda okuhlukile.”

²⁸⁴ “Abrahama, uphi umkakho,” uS-a-r-a, “Sara? Uphi umkakho, uSara?”

Wazi ngaleso sikhathi. “O,” wathi, “usetendeni.”

NeBhayibheli lathi, “Kwakungemva kwaKhe. Itende, ngemva kwaKhe.”

²⁸⁵ Wathi, “Abraham, ngi...” Isabizwana somuntu; Lowo ofanayo owakhuluma naye. “Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sempilo, uyabo, noSarah, futhi uzoba nale ngane obukade uyilindele. Uneminyaka eyikhulu manje ubudala, futhi yena unamashumi ayisishiyagalolunye. Kodwa, mina, Ngizokunika lengane eNgikuthembisa yona, ngoba ubuthembekile, ukulinda.”

²⁸⁶ NoSara, emuva etendeni, wathi, “Hhe.” Akazange asho ngokuzwakalayo. Wahleka, ngaphakathi kuye, wathi, “Mina, isalukazi, ngibuye ngibe nenjabulo, nenkosi yami, sengimdala kanjalo?” Wathi, “Bekungeke kwenzeke nje. LowoMfo, ukhuluma ngani na?”

Ingelosi yathi, “Uhlekeleni uSara na?” Hhe!

²⁸⁷ Kwakuyini na? Washona eSodoma. Masinyane emva kokuvakashelwa yileyoNgelosi, lesosibonakaliso sokugcina esanikwa, isibonakaliso sokugcina esanikwa, iSodoma lasha.

²⁸⁸ UJesu wathi, “Njengoba kwakunjalo emihleni yaseSodoma, kuyakuba-njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.”

²⁸⁹ UNkulunkulu usebenzene neBandla laKhe, sonke lesi sikhathi, ngezibonakaliso, izimangalis. Kodwa into yokugcina kwaba ngukuthi uNkulunkulu abonakaliswe enyameni yeBandla laKhe, njengoba Wayesenyameni yomuntu lapho, futhi akhombise lesosibonakaliso esifanayo, sokuthi uMesiya wayesevele ezimelele qobo lwaKhe phakathi kwabantu, ngaphambi nje kokuba umlilo uwe ngosuku lokugcina: okumchazayo, ukuqinisekisa leloZwi uJesu alithembisa ukuthi liyiQiniso. Asikhuleke.

²⁹⁰ Baba wethu waseZulwini, yiZwi laKho, isiqinisekiso sokuthunywa. Lelo yiZwi laKho, Baba. SingaLikhuluma kuphela. Ngikhuleka ukuthi UyaLiqinisekisa, Nkosi. Futhi ngiyazi ukuthi...Ngiyathet...ngikhulekela ukuthi Uzongixolele ngokuguliswa yimizwa kwami, nokungafundi kwami—kwami, ngakho-ke konke, futhi ususe lokho emqondweni wabantu, indlela yami embi, ecekethekileyo yokuzama ukuletha umyalezo. No—noMoya oNgcwele ugadla

phezu kwami, a—a—angazi ukuthi ngenze njani kodwa ngivele ngikukhiphe, Baba, ngihlezi lapha nabesilisa nabesifazane abangabahambi nezihambi.

²⁹¹ Lapho, umhlaba wonke uyazamazama, namuhla. Ba—bayasho manje, ezinsukwini ezimbalwa, manje bazohamba bezungezise umuntu emhlabeni jikelele, emkhondweni, bamhambise emhlabeni wonke, bezama ukukhuphula umuntu enyangeni. Umhlaba wonke uqhaqhazela uzamazama. Izizwe ezincane, yonke indawo, ezinemicibisholo ezosakaza imbobo emhlabathini, amafidi ayikhulu namashumi amahlanu ukujula, ngamamayela-sikwele angamakhulu amabili namashumi amahlanu—noma amathathu namakhulu amathathu. Amathathu awo ngasikhathi sinye ayocwilisa umhlaba wonke. Umhlaba wonke usesimweni sokuthuthumela.

²⁹² Amabandla lisukile eZwini. Kukhona zonke izinhlobo zezinhlangano kanye namahlelo apethe izincwadi ezichazayo zasemhlabeni. Futhi—futhi uma ungeyena owabo, awukwazi ukufaka ikhanda lakho kwelinye lamabandla abo.

²⁹³ Kodwa, nokho, njengoba kwakunjalo emuva ngezikhathi zikaNowa, njengoba kwakunjalo ezansi ngeBhayibheli, Usazothumela abaprofethi nezinceku zakho, Nkosi, nokuthunywa, okunesiqinisekiso ngemuva kwaso. Nkulunkulu, ngijabule kakhulu ngalokho, ukuthi Ukwethembisile.

²⁹⁴ Futhi manje, Nkosi, Wena wathi, “Ungesabi, Mhlambi omncane. Mhlambi omncane, kuyintando enhle kaYihlo ukukunika uMbuso.”

²⁹⁵ Wena wathi, “Njengoba kwakunjalo ngezinsuku zikaNowa, ngenkathi lelo qembu elincane lasindiswa nje ngamanzi, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” Izinsuku zikaLoti, lapho. . . . Ngesikhathi sikaNowa, “Babedla, bephuza, beshada, bendiswa.” Futhi kubheke namuhla, Baba, siyakubona lokho. Manje, lokho bekusezweni elinesono ebelikwenza lokho.

²⁹⁶ Futhi manje bukani ezinsukwini zikaLoti, ukuthi ukuphendukezela okunjani, ongqingili! O, yeka umhlaba, izwe lonke, iningi lohulumeni wethu ligwinywe kanye nakho, nakuyo yonke indawo. O, sidliwa izimpethu, Nkosi, ngodeveli abaningi namandla esitha.

²⁹⁷ Umhlaba wonke wethukele ukufa. Futhi esethu sonke. . . . Ngisho nesizwe sakithi sifana nomfana omncane ohamba emathuneni ebusuku, eshaya ikhwela, ukuzigcina engesabi. Siyazi ukuthi kulele emnyango.

²⁹⁸ Ibandla, Nkosi, Wena wathi, “Phakamisani amadolo enu. . . . Phakamisani amehlo enu lapho lezi zinto ziqala ukwenzeka. Ukuhlengwa kwenu kuseduze.”

²⁹⁹ UMoya oNgcwele uthululelwe phezu kweBandla laKho. Ubize abantu bazo zonke izizwe, abaseMexico, abamhlophe,

ama-Anglo-Saxon, amakhaladi, abaseTopiya, zonke izinhlanga ezahlukahlukene, zonke emhlabeni wonke. Njengoba izithunywa zevangeli zaKho eziMoya oNgcwele ezindadlana zihambile, zilambile, zibulawa yindlala, eziningi zazo zabulawa, zabethelwa esiphambanweni, kwahlekiswa ngazo, nakho konke okunye. Bahambe bengenalo ibandla elikhulu ukubaxhasa. Baqhubeka nokuthunywa kukaNkulunkulu, ngokuthi, “Lezi zibonakaliso ziyakubalandela labo abakholwayo.” Ngihlangane nabo amasimini emishini ngaleya, Nkosi. Sike saba namandla amakhulu kaNkulunkulu, ukukhuluma ngezinye izilimi, ukuhumusha izilimi. Sibe nombhaphathizo kaMoya oNgcwele, uvezwa obala kwamandla.

³⁰⁰ Futhi manje, Nkosi, njengoba Wathatha u-Abrahama, emele abaKhethe wewo, ababizela ngaphandle. Waletha u-Abrahama kulelo hlane, wamehlukanisa. Umkhombise zonke izinhlobo zezibonakaliso. Kodwa isibonakaliso sokugcina kwaba lapho uNkulunkulu, qobo lwaKhe, eziBonakalisa enyameni.

³⁰¹ Jesu, Wena wathi, “Njengoba kwakunjalo ngalolo suku, kuyakuba-njalo lapho iNdodana yomuntu iza.” Woza, Nkosi. Leli yiZwi laKho, liqonde ngqo njengoba ngiLazi. NguyaLikholwa, Nkosi. Kunabanye lapha abaLikholwayo. Makwenzeke futhi, Nkosi. Makwenzeke eTempe, njengokuqinisekisa ukusondela okuseduzane kweNkosi uJesu. Siphe khona, Nkosi. Kungasiqinisa sonke, Nkosi. Kuyobaqinisa laba bazalwane. Kuyoqinisa abefundisi baKho yonke indawo. Kuzoqinisa abantu abavamile. Kuzosenza sonke sijabule. Siphe khona, Baba.

³⁰² Manje, ngokusemandleni ami ukukhuluma iZwi laKho. Manje, Nkosi, kuzofanele kuthathe Wena ukwenza leso siqinisekiso. Angikwazi. Kodwa uma kungukuthunywa, ngishumayele iQiniso, ngiyakholwa, Baba waseZulwini, ukuthi UzoLiqinisekisa ngezibonakaliso Othembise ukuthi zizoba ngalolusuku. Siphen khona, manje. Ngiyazinikela kuWe, naleli bandla, neZwi. Manje, Baba, sizokulinda, uma nje Uzosikhombisa ukuthi Uphakathi kwethu. “Imisebenzi Engiyenzayo nani niyoyenza.” Leso yisithembiso saKho.

³⁰³ Futhi, Baba, bekungabaqinisa kanjani abanye babazalwane bami lapha, bekungaliqinisa kanjani ibandla; leyonto okungeyona eyengane kwane nje kuphela, into oyishilo, “Ya, ngikuzwile lokhu kushunyayelwa ngaso sonke isikhathi.” Kodwa, Baba, mababone ukuthi UnguNkulunkulu ogcina iZwi laKho. Manje, kuzothatha okungaphezulu kwami, Baba. Kuzothatha lelibandla lonke libe sekuvumelaneni kunye. Kuzothatha ukukholwa kwangempela ukukwenza. Kodwa ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzokupha ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, eGameni likaJesu. Amen.

304 Manje, bangani, umugqa womkhuleko. O, ngiyaxolisa. [UMfowethu O'Donnell uthi, "Qhubekela phambili. Kulungile."—Umhl.]

305 Ngixoleleni ngokuthokoza kwami, ukuziphatha okuqotshiwe epulpiti. Ngi—ngiyakhuleka ukuba ukwenze. Kepha ngisanda kuqeda ukufunda i-pre Nicene Council. Futhi ngithathe i-*Hislop's Two Babylons*, ne*Pilgrim Church* kaBroadbent, i-pre-Nicene Council, i-Nicene Council, ne-post-Nicene Council, i-*Nicene Fathers*, ngibona indlela uMoya oNgewele obahambisa ngayo. Babengenalo ngisho ne-altare ebandleni labo. Babengenalutho olufana nomfanekiso wesiphambano. IRoma Katolika laqhubeka nemfundiso-ze, nomfanekiso wesiphambano. Kepha elomthetho ngempela lahlala licacile, yayinezakhiwo ezincane ezingenalutho ngaphandle kwamaslebhu kuphela. Futhi babezo... Umuntu othile owesaba uNkulunkulu wayengachaza iZwi likaNkulunkulu, bese amandla kaNkulunkulu ewa. Babevele baphakamise izandla zabo futhi badumise uNkulunkulu. Babekhuluma ngezilimi, nezibonakaliso nezimangaliso kwakuyobalandela. Yebo, mnumzane.

306 UPolycarp, u-Ignatius, uMartin, u-Irenaeus, uColumba, o, he, uJustin, bangaki abanye babantu abesaba uNkulunkulu ngempela abangenakubekezelela lelo elinye ibandla, uhlangothi lwalo lwamaRoma. Bahlala beyikatholika. Nathi singamakatholika, futhi, singabaphostoli abangamakatholika. Manje, ukuthi *katolika* kusho ukuthi "umhlaba jikelele."

307 Kodwa iRoma Katolika yathatha umfanekiso wesiphambano nezimfundiso-ze, kanjalonjalo, futhi lathi, "Hhayi iBhayibheli." Bona, "UNkulunkulu wayesebandleni laKhe."

308 UNkulunkulu useZwini laKhe. IBhayibheli lathi, "Uma noma yimuphi umuntu ezosusa noma enezele noma yini kuLo, okufanayo kuyothathwa, ingxenye yakhe, isuswe eNwadini yokuphila." Sikholwa yilokho nje uNkulunkulu akusho, futhi yilokho kuphela. Manje, ngakho-ke, sikholelwa kulowo Mlayezo.

309 Manje, kunabantu abagulayo lapha kulobubusuku. Nginishumayezile, ukuthi uNkulunkulu uqinisekisa ukuthunywa kwaKhe. Kunjalo. UNkulunkulu ubhekisisa iZwi laKhe, ukuliQinisa. Ukuphela kwento Azama ukuyenza ukuthola inhliziyo Angangena kuyo.

310 Manje, ungacabangi ukuthi uzokwenza ngokweqile. Angeke. Ubungacabanga nje i—inhlanzi encane ecishe ibe yingxenye yeyintshi ubude, phandle phakathi nolwandle ngaleya, ithi, "Kungcono ngiphuze kancane la manzi. Angahle angiphelele"? Ngokuqinisekile akunjalo. Awu, awusoze waqedela amandla kaNkulunkulu nobuhle baKhe. Impela ubungeke, ngakho-ke vele uvule.

³¹¹ Wena uthi, “Awu, ngamukele uMoya oNgcwele.” O, kukhona nje—nje. . .

³¹² Izulu lonke ligcwele Wona. Niyabo? UNkulunkulu uzama nje. . . njenge. . . Ukube bekuyikho konke, wonke amazulu, ayeyipayipi likhulukazi elimile, futhi wawunokuqhekeka okukodwa okuncane. Uzama ukunqwabelanisa. . . Lawo manzi azozama ukuziphoqelesa aphume. Yileyo ndlela uMoya oNgcwele ozama ukuZiphoqa ngayo ungene kuwe, kanjalo, kanjalo, uzama ukukwenza ukuthi ukuKholwe. Ngiyazi ukuthi lelo yiQiniso. Manje, ngikholwa ukuthi. . . Ngabe banike. . .

³¹³ Ngabe uwakhiphile amakhadi omkhuleko, ngizokhuleka? Ngikholwa ukuthi ukwenzile. [Abazalwane bathi, “Yebo.”—Umhl.] Kulungile. Kanjani. . . Ukuphi na? Ini? Uxolo. Elokuqala kuya emashumi amahlanu. Kulungile. Asikwazi ukubamisa bonke ngasikhathi sinye. Ngakho-ke ake sime mhlawumbe. . . Ngani, lokho kulungile, yima nje unganyakazi. Njengoba uhamba, mhlawumbe lo mugqa omncane lapha ubuyela emuva, ukuze bakwazi ukuhamba kancane. Kukhona ingilazi yamanzi, ngiyakholwa, ihlezi lapho, uma uzobhekisisa. Kulungile.

³¹⁴ Masibe nowukuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu, owesithupha, owesikhombisa, owesishiyagalombili, owesishiyagalolunye, eweshumi. Abasukume. Elokuqakala, ubani onal na? Ikhadi lomkhuleko lokuqala na? Yikhadi lomkhuleko nje nenombolo nje kulo. Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, kanjalo. Elokuqala, ikhadi lomkhuleko, ubani onalo na? Impela kukhona okungahambi kahle.

³¹⁵ Kukhulume ngeSpanishi. Yini inombolo yokuqala, ngeSpanishi na? [Omunye uthi, “Uno.”—Umhl.] Uno. Uno, ubani onalo na?

³¹⁶ Elokuqala na? Uthini na? Kulungile, khona lapha. Elesibili, ubani onalo na? Elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, elesiyishiyagalombili? Kunye, kubili, kuthathu, ima nje khona *lapha*. Sizokwakha umugqa. Hhe? Ya. Kulungile. Kulungile. Lokho kulungile. Kulungile. Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu, owesithupha, owesikhombisa, owesishiyagalombili, owesishiyagalolunye, oweshumi. Mabeze. Wozani ngakulolu uhlangothi, uma nithanda.

³¹⁷ Uma ungeke usukume manje, phakamisa isandla sakho. Sizobona ukuthi uyafika lapha. Sizobona. Othile uzokuthwala phezulu lapha. Uyabo?

³¹⁸ Elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi. Ishumi nanye, ishumi nambili, ishumi nantathu, ishumi nane, ishumi nanhlanu, ishumi nesithupha, ishumi nesikhombisa, ishumi nesishiyagalombili,

ishumi nesishiyagalolunye, amashumi amabili. Mabeze, kusuka kowokuqala kuya emashumi amabili manje, folani umugqa ngalapha. Kulungile. Kunjalo.

³¹⁹ Manje, uma unamakhadi akho, wozani bangane. Musa—musa—musa ukuhlala emuva, ngoba ukhohlisa omunye umuntu Ngakho-ke, uyabo. Ungesabi ukuza, uma uthathe ikhadi lakho. Woza, uma bekunika ikhadi.

³²⁰ Manje, umfana uza nalawa makhadi, kuqala. Uyama lapha futhi awaxube, ndawonye, amashumi amahlanu noma ikhulu, noma yini ayenzayo. Wehlela ngqo kulayini, wanikeza noma ngubani. Umuntu oyedwa angathola “elokuqala,” omunye “eleshumi,” omunye “elamamashumi amahlanu,” omunye “elamashumi ayisishiyagalolunye,” kanjalo. Asazi ukuthi bakuphi. Ahlakazekile onke. Lokho kuyamshiya umfana ukuze angazi ukuthi yini. Manje-ke, umfana akazi ukuthi ngizobiza kuphi, ngalobobusuku. Isizathu, niyabo, nami angazi. Ngingahle ngiqale... Bangaki abake baba semhlanganweni phambilini, futhi ngiyazi ukuthi ngivele ngigxumele yonke indawo kuyo? Kulungile. Niyabo?

³²¹ Ngakho-ke, ezikhathini eziningi, abantu bayesaba ukuqhamuka, ngoba izono zabo ziyabizwa lapha. Manje, uma wenze noma yini engalungile, futhi ungafuni ukuthi kumenyezwe, kungcono uhlale ngaphandle, yilokho kuphela, ngoba nakanjani Yena uzokwenza. E-hhe. Bangaki okwaziyo lokho ukuthi kuyiqiniso na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Yebo, mnumzane. Impela kuliqiniso. Manje, uma u—uma ulahlwe unembeza futhi ungaphansi kwesono, ngani, ungezi. Kodwa uma ungenjalo, uma ungaphansi kweGazi, woza. Niyabo? Kulungile.

³²² Manje, kulungile, awu, sizovele siqale khona lapha futhi sibone ukuthi singaya kuphi.

³²³ Manje, bangaki phakathi lapha abagulayo, futhi abangenayo futhi abalitholanga ikhadi lomkhuleko, sekwephuze kakhulu noma okuthize na? Phakamisani izandla zenu, nxazonke, phezu kwesakhiwo, kulungile, awunalo ikhadi lomkhuleko.

³²⁴ Manje, kwakukhona owesifazane omncane owadlula esixukwini. Mhlawumbe wayengenalo ikhadi lomkhuleko, kodwa wathinta umphetho wengubo yaKhe. Lokho kukwenzile. Kulungile. Wathinta umphetho wengubo yaKhe, wasinda.

³²⁵ Manje, nina ngaphandle lapho enikholwa ngayo yonke inhliziyo yenu, nina enikholwa lokhu ngempela ngayo yonke inhliziyo yenu, velani nithi, “Nkosi Jesu, ngiyakukholwa lokhu ngayo yonke inhliziyo yami, futhi ngizokwamukela, futhi ngikhulwe ukuthi... Ngiyazi ukuthi uMfowethu Branham akangazi, noma azi noma yini ngami. Futhi uma Ungangivumela ngithinte ingubo yaKho!” Manje, iBhayibheli lithi...

326 Manje, abefundisi bazokufakazisa lokhu. IBhayibheli lisho ukuthi, “uJesu Kristu ungumPristi oMkhulu, khona manje, ongathintwa yimizwa yobuthakathaka bethu.” Kuyiqiniso lokho na? [Abefundisi bathi, “Amen.”—Umhl.] “UmPristi Ophakeme onokuzwelana nobuthakathaka bethu.” Unguye, khona manje.

327 Awu, khona-ke, uma enguMpristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu, lowo Mpristi oMkhulu wayeyoziphatha kanjani lapho Ethintwa na? Uma EnguJesu ofanayo oWayekhona emuva lapho, Wayezokwenza ngendlela efanayo. Akakwazi ukuguqula izindlela zaKhe. Akakwazi.

328 Uma Athi emuva lapho, “Awu, Ngibasindisile ngoba bakholwa kiMi, kodwa namhlanje Ngi—Ngi—Ngizobasindisa ngoba banemali eningi,” Angeke akwenze lokho.

329 Ufanele ahlale nesimo saKhe sokuziphatha sasekuqaleni. Niyabo? Uma uNkulunkulu enza isinqumo, kuphelele. Ngeke siphinde siguqulwe, futhi. UNkulunkulu akalokothi alushintshe uhlelo lwaKhe, niyabo, ngakho-ke uma EnguMpristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu, futhi wena waMthinta ngokukholwa kwakho. . .

330 Manje, Akanazandla emhlabeni kepha ezami nezakho. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] “NginguMvini; nina ningamagatsha.” Manje, uMvini awutheli izithelo, akunjalo na? Amagatsha athela izithelo. Ngakho-ke uMvini unika nje amandla igatsha, kepha wena uyalibona igatsha. Umvini awenzelwanga khona; niyabo, UseNkazimulweni. UnguMoya oNgcwele. Manje, Akazitheli izithelo, kodwa Unika wena nami amandla, ukuze sizokwazana, ngamaphimbo, ukuthi Ukhuluma ngathi futhi enze umsebenzi waKhe, ukuqinisekisa ukuthunywa esithunywe ukukwenza. Niyakuqonda manje, wonke umuntu na? [“Amen.”]

331 Manje wena khuleka, bese uthi, “Nkosi Jesu, ngizokukholwa lokhu nga—ngayo yonke inhliziyi yami. Ngi—ngi—ngizokukholwa ngokweqiniso nakho konke okukimi. Futhi ngiyakholwa ukuthi Uzo—zongiphulukisa. Futhi ngizokwenza, ngayo yonke inhliziyi yami, ukuzama ukuthinta umphetho wengubo yaKho, ngethemba ukuthi Wena uzongiphulukisa.” Manje, kholwa nje yilokho, noma othandekayo.

332 Manje, ngizonicela. Ngalokho. . . Manje, niyazi ukuthi ngiyipentecostal. Ngi—ngiyakholelwa ekumemezeni, ekudumiseni iNkosi. Kepha ngizokucela ukuthi wenze lokhu. Manje, uma siza, ngifuna nibe nenhlonipho yokuzithoba ngangokunokwenzeka. Manje, vele uzifihle manje. Susa konke ukungabaza kwakho, bese uthi nje, “Manje, Nkosi, Wena ngisize.” UNkulunkulu uzokwenza, uma nje uzokukholwa.

333 Manje, manje, nangu owesifazane emile. Angikaze ngimbone empilweni yami.

³³⁴ Manje, noma ngubani okuleli lapha. Kwesinye isikhathi angazi ukuthi ngithini; uma kungishaya, kungumbono. Manje uma u...Niyangizwa kahle manje na? Kulungile. Manje hlonthophani ngokuzithoba ngempela.

³³⁵ Manje, nangu owesifazane emi. Manje, nasi isithombe esihle seBhayibheli. Siyizihambi komunye nomunye. Angikwazi. Manje, ungahle ungazi, ngokwazi ukuthi nginguMfowethu Branham. Kodwa angikwazi, nganoma iyiphi indlela.

³³⁶ Manje, lesi yisithombe njengoba sasinjalo kuJohane oNgcwele 4. UJesu wahlangana nowesifazane Ayengakaze ambone, noma yena owesifazane wayengamazi Yena. Wayazi ukuthi wayengumJuda, kodwa yilokho kuphela ayekwazi. Futhi-ke uJesu wakhuluma nalona wesifazane isikhashana. Wayenzani na? Wayexhumana nomoya wakhe. Niyabo?

³³⁷ “Wayeswelekile ukuba adlule eSamariya. Kwathi Edlula eSamariya. Wahlangana nalo wesifazane.” Ngani na? UBaba wamholela eSamariya. “Khuphukela eSamariya.”

³³⁸ Wayengazi ukuthi enzeni. Kwaphuma lo wesifazane. Wacabanga, “Mhlawumbe yilokhu uBaba akufunayo.” Ngoba, Wathi... .

³³⁹ Emva kokuba Esephulukise indoda e...eyayikhubazekile, yayingakhubazekile, kodwa ngicabanga ukuthi kungenzeka ukuthi yayinesifo esilibazisayo. KuJohane oNgcwele 5, isahluko esilandelayo, ngiyakholwa ukuthi yiso. Wahamba ngasechibini laseBethesda, futhi lapho kwakulele indoda eyayikhubazeke iminyaka eminingana, yayinobuthakatha. Manje, yayisikwazi ukuhamba. Kodwa kwehla iNgelosi yazamazamisa ichibi. Nina bazalwane niyazi ukuthi ngikhuluma kuphi. Wabe esefika uJesu, yayisithi, yathi, mayelana ngokuya echibini, yathi, “Anginamuntu ozongisiza. Omunye angenza kangcono kunami. Angangedlula aye echibini,” ngamanye amazwi.

³⁴⁰ Wathi, “Thatha uhlaka lwakho ungene endlini yakho.” Wathatha umbhede wakhe waqhubeka.

³⁴¹ Manje, uJesu akazange aphulukise omunye wabo, futhi kwakukhona izixuku, izinkulungwane. Kungani engakwenzanga na? Kukhona oyedwa webandla, wethu thina befundisi. UNkulunkulu ogcwele ububele. Ngabe kunjalo na? Izixuku zezinyonga, izimpumpothe, izinyonga, oshwabene, zonke izinhlobo zabantu? Ngabe iBhayibheli lakusho lokho, bazalwane na? [Abefundisi bathi, “Amen.”—Umhl.] Futhi Waya ngqo endodeni eyodwa eyayinokugula. Yayingaphuphuthekile. Yayikwazi ukuhamba. Kungenzeka ibe nenkinga yesinye. Kungenzeka ibe neTB elibele. Kwakungeke kuyibulale. Yayineminyaka engamashumi amabili nesishiyagalombili, futhi kwakungeke kuyibulale. Futhi Waya kuleyondoda. Kungani na? Khona-ke, wakuphulukisa nje lokho, wahamba.

³⁴² Bekungenzekani ukuba Wafika eTempe kulobubusuku akwenze lokho na? BabezoMgxeka khona lapho. Kunjalo, bazalwane na? [Abefundisi bathi, “Amen.”—Umhl.] BebeyoMgxeka. Kodwa, khumbula, uJesu wayeyazi lendoda futhi wayazi ukuthi yayikade ikulesi simo sonke lesi sikhathi. Ingabe yilokho Akusho na? [“Amen.”]

³⁴³ Manje, ngenkathi amaJuda ethola lendoda, yabatshela ukuthi Ngubani okwenzile. Bathola uJesu baMbuza. Nicabanga ukuthi bazoMbuza kulobubusuku na? Impela.

³⁴⁴ Wathini na? “Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kuwe, iNdodana ayinakwenza lutho ngokwaYo, kodwa lokho Ebona uBaba ekwenza: lokho neNdodana iyakwenza.” Ngabe kunjalo na? Khona-ke, ngokweZwi laKhe uqobo, Akenzanga lutho uNkulunkulu waze waMkhombisa embonweni okufanele akwenze.

³⁴⁵ Niyamkhumbula u-Eliya, entshumayelweni yethu kulobubusuku na? “Ngikwenze konke lokhu ngokuyalelwa nguWe.” Noma yimuphi umprofethi weNkosi uhamba kuphela njengoba iNkosi imhola.

³⁴⁶ Manje ake sisike iphethini. Manje, uKristu unguMoya oNgcwele olapha manje. Manje, ngikholwa ukuthi ngizizwe ngiholeleka ukuba ngize e-Arizona. UJesu wazizwela eholeleka, wayeswelekile ukuba adlule ngaseSamariya. Ngizizwe ngiholeleka ukuba nenkonzo yokuphulukisa eTempe kulobubusuku, angikaze ngibe nayo eyodwa lapha phezulu. Angazi ukuthi kungani.

³⁴⁷ Awu, kungenzeka ube ngumuntu wokuqala phezulu lapha. Nakho lapho ukhona, uJohane oNgcwele 4, impela futhi. Angikwazi. Awungazi. Angazi into eyodwa. Ungahle ube yisoni. Ungahle ube ngumzencisi. Ungahle uphinge. Ungahle ube ongcwele onobuNkulunkulu. Ungahle ugule. Ungahle ukuba umelele omunye umuntu. Ungahle ukuba unezinkinga zezezimali. Angazi ukuthi unani. Angazi lutho ngawe. Manje, kunjalo, angazi. Manje, uma ngiyisihambi, ukuze kuthi othile ongakholwayo angahle ukuba uhlezi eduze, phakamisa isandla sakho, uma kunjalo, uma lokho—lokho kuliqiniso. Niyabo? Manje, uma uMoya oNgcwele . . . ekuxhumaneni nomoya wakhe.

³⁴⁸ Manje, sobabili simi lapha, owesilisa nowesifazane, njengoba babenjalo. Futhi uJesu wakhuluma naye waze Wathola okwakungahambi kahle ngaye. Ngabe kunjalo na? Manje, bonke abaziyo ukuthi lokho kuliqiniso, thanini, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Wathola ukuthi yayini inkathazo yakhe, futhi Wamtshela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe.

³⁴⁹ Wayesethi, “Mnumzane, Ufanele ube ngumprofethi.” Niyabo, babengenabo abaprofethi cishe iminyaka engamakhulu amane. Wathi, “Ufanele ube ngumprofethi. Manje, siyazi ukuthi lapho uMesiya efika, lokhu kuzoba yisibonakaliso sikaMesiya.

Uzositshela zonke izinto.” Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

Awu, uJesu wathi, “Nginguye okhulumayo.”

³⁵⁰ Manje, uma leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya khona-ke, futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade; kuphela, ngesimo sikaMoya oNgcwele, usebenzisa inyama yami, umoya wami njengoba ngiwunikela kuYe, futhi ubungangitshela ukuthi inkathazo yakho ikuphi, ubuyokwazi ukuthi bekuyikho noma qha, ngoba ungufakazi walokho. Manje, uma . . .

³⁵¹ Uma benginenkonzo yokuphulukisa, ngiyakhuphuka, ngathi, “Udumo kuNkulunkulu! Uyagula, dade na?”

“Yebo. NgingeTB”

³⁵² “Udumo Malube KuNkulunkulu!” Kubekwe izandla kuwe. “Haleluya! Thola ukuphulukiswa kwakho.”

³⁵³ Manje, abazalwane abaningi abahle, njengoMfowethu Oral Roberts nabanye, bangamadoda angempela kaNkulunkulu. Isipho sabo leso. Bathi, “Udumo kuNkulunkulu! Ngiyakukholwa. Wena?”

“Yebo.”

³⁵⁴ Ngikholwa ukuthi uzosinda. Impela, ngiyakukholwa lokho. Yebo, mnumzane. Ngiyakholwa. Ungaya kumelusi wakho, uma ungumKristu, noma yini efana naleyo, ngikholwa ukuthi ubuyoyenza, ibingakwenza.

³⁵⁵ Kepha manje uma efika akutshela okuthile okwenzile. Manje, uzokwazi ukuthi ngabe lokho kuliqiniso noma qhabo. Futhi uma Engakutshela okwenziwe, impela ubungakholwa uma Engakutshela okuzokwenziwa. Ngabe kunjalo na? [Udade uthi, “Kunjalo.”—Umhl.]

³⁵⁶ Manje, bangaki abakholwa ukuthi lokho kungaba ngufakazi, uma Ekwenza, ukuthi UnguJesu Kristu uMesiya, onguye izolo, namuhla, naphakade na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje, khumbulani, hhayi mina. Qhabo. Ngifana nalemayikrofoni, isimungulu esiphelele. Ngingazi kanjani na? Sengivumile kuwe, nakuye, nabo bobabili komunye nomunye, asazi, asikaze sibonane. Ngakho-ke kuzothatha amandla avela kwenye indawo.

³⁵⁷ Manje, ungakholwa njengoba abanye babo benza, bese uthi, “Wena uyiNdodana kaNkulunkulu, iNkosi ka-Israyeli.” Noma, ungathi, “Hhe. Ungudeveli, umbhuli, uhlobo oluthile lomoya omubi.” Manje-ke, lokho kuphakathi kwakho noNkulunkulu. Niyabo? Manje, manje, lokho kukuwe, ukwahlulela Lokho. Niyabo? Kuya nje ngesimo sakho sengqondo ngakuKho.

³⁵⁸ Kodwa, kimi, nguJesu Kristu. Nguye, kimi, ngoba isithembiso saKhe. Futhi manje uma Enze isithembiso futhi wangithuma, futhi wanginikeza izibonakaliso . . .

359 Futhi eminyakeni eminingi edlule, ngangilapha phakathi kwenu bantu, futhi Wanginikeza isibonakaliso, uma ungabeka isandla sakho kwesami. Bangaki okukhumbulayo lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Khona-ke ngingakutshela, uma ngisengabamba imizuzu embalwa. Bengingeke ngibe namandla okuzilawula, kodwa ngithi une—nesimila noma ngabe bekuyini. Bekuphelele. Ngabe kunjalo na? [“Amen.”]

360 Futhi ngakutshela, ukuthi Wangitshela, “Uma ngangiyohlolipha ngokuzithoba futhi ngikhulwe, futhi ngihlale ngikhululekile,” futhi, lokho okungukuthi, angihambe ngiyoxhoba imali. Futhi angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami. Niyabo? Futhi yonke into, “Futhi ngiphile ngeqiniso kuYe, ukuthi kuzofezeka, ukuthi, ngenkathi ngiyotshela abantu yona kanye imfihlo yezinhliziyi yabo, enye into.” Angeke bakuphike lokho. Niyabo? Niyabo? Niyangikhumbula ngikuprofetha lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje kufezekile. Niyabo?

361 Manje, manje hloniphani ngokuzithoba nje. Wena uthi, “Ulindeni, Mfowethu Branham na?” Yena. Angimazi lowo wesifazane. Uma Engangicobi, angikwazi ukukwenza. Yilokho kuphela.

362 Bangaki abake basibona isithombe saleyoNgelosi yeNkosi, lowoMlilo, iNsika yesithando somlilo na? BaYithathile, sebenayo emhlabeni wonke manje. IseWashington, DC, ehholo lobuciko lenkolo. YisiDalwa esingaphezu kwemvelo kuphela esake safakaziswa ngokwesayensi.

Ngizokhuluma nawe nje umzuzu, ukuxhumana.

363 Yebo. Dumisani iNkosi. E-hhe. NaNsi. E-hhe. Angikwazi ukukutshela ukuthi ngikwazi kanjani, kodwa ngiyazi ukuthi Ukhona lapha manje. Niyabo? Kunjalo. Ilapha manje. Mayibongwe iNkosi. Niyabo? NaNsi manje.

364 Unesifo sesikhumba ofuna ngisikhulekele. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Manje, uyakukholwa lokho ngenhliziyo yakho yonke na?

365 Manje, ungahle usho ukuthi ngikuqagelil lokho. Niyabo? Manje bhekisisa futhi ubone ukuthi sikuqagelile yini. Niyabo? Yiba nenhlonipho yokuzithoba ngempela. Ubonakala engumuntu omuhle.

366 Manje, njengamanje angikwazanga ukukutshela engikutshela khona, kuqala. Manje, umzuzu nje. Yebo, unesifo sesikhumba, unaso. Usube nakho isikhathi esithile. Kade ngisho ukukhulekelwa, ngakho. Manje-ke, unokuthile okungahambi kahle ngasohlangothini lwakho. Kunjalo. Kubangelwe yingozi yemoto. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Manje niyakholwa, anikholwa na? EGameni leNkosi uJesu Kristu, ngicela ukuphulukiswa kwakhe. Amen. Hamba, ukholwe.

367 Uyakholwa ukuthi Unguye izolo, iZibani zokuhlwa zikaMoya oNgcwele na? [Ibandla liyajabula—Umhl.]

368 Unjani? Mina nawe asazani omunye nomunye, okokuqala ekuhlanganeni kwethu. Ukube bengikwazi ukukuphulukisa, bengizokwenza. Ngimele uMphulukisi kuphela, njengenxusa elithunyelwe, ngikhulekela ukuqinisekisa kwaKhe. Kodwa uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi uzeleni lapha, uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma inceku yaKhe na? Uzokukholwa na?

369 Into eyodwa, kunesithunzi esikuzungezile, kukhombisa ukuthi uhlushwa yisimo semizwa, uphatheke kabi ngokwengqondo, isimo semizwa. Kuba kubi kakhulu lapho ilanga seliqala ukushona. Kunjalo. Bese kuthi-ke, enye into, unesimila okhathazeke ngaso. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi leso simila sikuphi na? Sisebeleni langakwesokudla. Yilokho na? Uyakholwa manje na? Manje, kuneNto ethile kimi, okusho lokho, okwazi lokho. Ngabe kunjalo na? Uyakholwa ukuthi nguNkulunkulu na? UJesu wabe esethi, “Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakhohwayo: uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.” INkosi ikubusise. Amen. [Ibandla liyajabula—Umhl.]

Yiba nokukholwa. Ungangabazi. Kholwa nje ngakho konke okukuwe.

370 Umfo omncane lapho ofake uthayi onemigqa, vele uyeke ukukhathazeka. Leso sifo samathambo sizokushiya, uma nje ukukholwa ngenhliziyo yakho yonke. Niyabo? Ubuhleli lapho, ulindele lokho, ubungenkalo na? Futhi awunalo ikhadi lomkhuleko. Awulidingi elilodwa. Kholwa nje.

371 Niyabo, ukukholwa kwakhe kwathinta okuthize. Niyazi leyo ndoda ayingithintanga. Iqhele ngamafidi angamashumi amabili kimi. Ngabe kunjalo na? Kodwa uthinte ini na? UMpristi oMkhulu.

372 Ngibuke lapha kulo wesifazane, bekukhona indoda. Ngibukile, bekuyindoda. Ngathi, “Kungeke. Kukhona... Lowo ngowesifazane.” Ngabuka, kukhona indoda. Ngibuke lokho kuKhanya, okulenga *lapha*, kwaya ngaleya kwase kuma ngakuye. Ngimbonile ezama ukwehla embhedeni, kanjalo. Yilokho kuphela. Niyabo? Nakho lapho ekhona. Makabe ngubufakazi. Ngabe yilokho na? Ubukade uhleli, ukhulekela lokho. Ngabe kunjalo na? Kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho manje, uzosinda.

373 Ngakho-ke, “Uma ukholwa, konke kuyenzeka.” Yiba nokukholwa nje. Manje hloniphani ngempela.

374 Uxolo. Bengibheke ukuKhanya, kwazungeza, kudabula esakhiweni. Ngibheke ngibhekisisa nje, niyabo.

³⁷⁵ Manje ngifuna ukukhuluma nawe umzuzwana nje. Ubukeka njengomuntu olungile kimi. Siyizihambi komunye nomunye. [Udade uthi, “Yebo, mnumzane.”—Umhl.] INkosi iyazazi izinkinga zakho. Yena uyangazi, uyakwazi wena. Singowesilisa nowesifazane, simi lapha sihlangana, isikhathi sethu sokuqala. NgoMoya, wena ungumKristu, futhi—futhi ngiyakuzwa ukudlidliza obekukhona ngomoya wakho, uyazi, kuhamba nje. Futhi ngiyazi ukuthi awuyena umuntu ohamba ecela ulifti. UngumKristu, uyabo. Ngakho-ke yilokho engikushoyo, *ocela ulifti*, ngukugxuma nje usuka kwenye indawo uye kwenye, uyazi. Uzelwe ngokusha, uyabo, ungumKristu wangempela. [“Amen.”] Ngiyakuzwa ukwamukelwa kwakho, uyabo. Futhi uMoya oNgcwele lapha uyawemukela lowomoya, ngoba ungumoya wezihlobo. Niyabo? Singumfowethu nodadewethu. Awukho lapha ngesingawe. [“Qhabo.”] Umele omunye umuntu. [“Yebo.”] Umngani wakho uhlushwa ukucindezelwa amadimoni. [“Yebo.”] Uyakukholwa lokho na? [“Ngiyazi.”] Beka lelo duku phezu kwabo, futhi ungangabazi. [“Ngizokwenza.”] Kuzobashiya. UNkulunkulu akubusise.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Kholwa nje ngayo yonke inhliziyi yakho.

Unjani, nenekazi na? Siyizihambi komunye nomunye.

³⁷⁶ Manje, omunye umuntu, ndawo ndawo. Nkulunkulu, bekukukuphi na? Ndawo ndawo ezethamelini, omunye umuntu, kukhona okwenzekile. “Wazi kanjani, Mfowethu Branham na?” Awu, ngiyakwazi nje. Niyabo? Niyabo? Kufana nje nokudonsa impilo kuwe ngqo, uyabo. Kukhona okwenzekile. Umuntu othile uphulukisiwe ndawo ndawo. Angazi ukuthi bekukuphi, kodwa mhlawumbe Uzongibonisa futhi.

³⁷⁷ Siyizihambi komunye nomunye, nenekazi. Angikwazi, kepha uNkulunkulu uyakwazi. Ulapha ngenhloso ethile, mhlawumbe ngomunye umuntu, mhlawumbe okwezimali, okwasekhaya. Noma ngabe kuyini, uNkulunkulu angangitshela. Uzokukholwa na? Uzokwazi uma kuliqiniso. Uqhubeke nokuba ngumuntu omusha uza lapha, umbono wephukela umuntu omusha. Manje, kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho, futhi uNkulunkulu uzokupha. Niyabo? Uma ngingakutshela, uyazi uma ngingakwazi, kuzofanele kuvele emandleni athile angaphezu kwemvelo.

³⁷⁸ Uyayikhumbula intshumayelo yami kulobubusuku, engikhulume ngayo na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Manje, bukani. Mhlawumbe, uma benginga, bengingathanda, njengaleyo Ngelosi eyafulathelisa umhlane waYo. Manje, uma ngifulathela, *kanjena*, ngaya lapho ukhona. Niyabo? Kulungile. Manje, wena nje—nje yisho eNkosini uJesu, “O Nkulunkulu,” enhliziyweni yakho nje, “yembulela uMfowethu Branham

ukuthi ngizeleni lapha, noma okuthize ngami,” futhi ubone ukuthi Yena uyakwenza yini.

³⁷⁹ Yebo. Ngimyambona owesifazane njengamanje. Uphethwe yinkathazo yamathumbu. Kunjalo. Yizimila ezibilini. Yiqiniso. Nkk. Cathan, ungaya ekhaya manje futhi usinde, uma uzokukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Hamba futhi ukholwe, endleleni yakho. Kukholwe.

³⁸⁰ Uyakholwa na? Yiba nokukholwa. Ngabe niyabona ukuthi yena impela uNkulunkulu owaloba iBhayibheli uyahamba kulelibandla elincane elithobekile lapha kulobubusuku, kulo mhlango lapha na?

³⁸¹ Manje, siyizihambi komunye nomunye, kuthi, mnumzane. Angikwazi, angikaze ngikubone empilweni yami. Siyizihambo ngokuphelele. Manje, kungenza ngibe buthakathaka, bahlobo. Kungu. . .

³⁸² Lelo nenekazi lihlezi emuva lapho liqunjelwe, lihlezi kweyesibili phakathi ukusuka ngemuva, khona kanye ohlangothini lwalolohlu lapho. Bekunguwe, esikhashaneni esedlule, ubuphezulu lapha. Uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, kuzokushiya.

³⁸³ Kuthiwani ngaleyongane enaleso sifo na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Nakho lapho okhona. Inkazimulo! Udeveli walahlekelwa yilokho. Wakwenza. UNkulunkulu akubusise, dade, mfowethu. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Yilokho kuphela okudingayo. Kuzoyishiya ingane. Ungakhohlwa.

³⁸⁴ Bathinte ini na? Lithinteni lelo nenekazi, ngengane yalo na? Angibazi labo bantu, angikaze ngibabone empilweni yami.

³⁸⁵ Uma siyizihambi komunye nomunye, phakamisani izandla zenu lapho, bahlobo, lapho okukhona. I—inenekazi, phakamisa isandla sakho. Kunjalo.

³⁸⁶ Belimi lapho, likhulekela leyongane. NoMoya oNgcwele ubulokhu uhamba phakathi lapho, ndawo ndawo. Futhi ngibone lapho belikhona, futhi ngabona ingane encane i—inaleso simo. Nakho lapho likhona.

³⁸⁷ Ingane izosinda, dade. Ungakhathazeki. Ngani na? UkuKhanya kwangempela kungalapho manje. Ngiyazi ukuthi uNkulunkulu uphendulile. Niyabo? Kuzoyishiya ingane. Ngiyazi ukuthi kuzolunga. Ya.

³⁸⁸ Kuza nje yonke indawo, kusuka ezethamelini manje. Kungukuthi, awukwazi ukukukhetha. Kukuyo yonke indawo nje. Kufakazise nje. Awukholwa kakhulu manje kunalokho ubukukholwa esikhashaneni esedlule na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Impela. Niyabona ukuthi Kungu. . . Kungahle kwenzeke kini nonke uma nikukholwa nje. Niyabo? Kholwa nje.

389 Uxolo, mnumzane. Ngi—ngi—benginga... Uyazi, angisangene. Kodwa nje ngi... Ngiba buthakathaka impela. Futhi nje ngi... .

390 UJesu, owesifazane oyedwa wathinta ingubo yaKhe, Wayesethi, “Ngiyabona ukuthi amandla aphumile,” lokho ngukuthi, amandla okuqina. Futhi uma Yena, iNdodana kaNkulunkulu, kuthiwani ngami, isoni esisindiswe ngomusa na?

391 Manje, nansi indoda. Makwenzeke kulendoda. Manje-ke nonke nizokholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ukhona umuntu omazi le ndoda na? Ngabe ukhona owazi le ndoda, lapha na? O, yebo, mnumzane. Kulungile. Manje, uyazi. Ake sibone ukuthi Kulungile noma qha. Indoda iyisihambi ngokuphelele. Angikaze ngiyibone empilweni yami.

392 Siyizihambi komunye nomunye ngokuphelele. Kodwa uMoya oNgcwele ungangivezela ukuthi uzele ini lapha, noma ukuthi ufunani, noma okuthize ngawe, okwaziyo, ukuthi ngiyazi ukuthi angazi lutho, khona-ke lokho bekungakukholisa ukuthi bekufanele kube uMoya oNgcwele.

393 Kunganikholisa nonke, futhi nazi ukuthi uMoya oNgcwele ofanayo olapha uphandle lapho, futhi, kithina sonke na?

394 Inkathazo yakho yinkathazo yomtshaz. Isikhwama esinobomvu. [Umfowethu uthi, “Yebo.”—Umhl.] Kwirectum. Kunomunye umuntu lapha okhulekayo ngalokho. Ngunkosikazi wakho laphaya. [“Kunjalo.”] Uhlushwa yikhanda eliphikelelayo, ngaso sonke isikhathi. [“Kunjalo.”] Kunjalo. Unomntwana lapho, futhi. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini engahambi kahle ngalowo mntwana na? [“Yebo.”] Yisimo esiphathelene negazi. [“Yebo.”] Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi wena ungubani na? [“Yebo.”] Ungangikholwa na? Ungumfundisi. [“Yebo.”] UnguMfu. Mnu. Mann. [“Yebo.”] Yiya ekhaya, usinde.

395 Uyakholwa ngayo yonke inhliziyi yakho na? [Ibandla liyabula—Umhl.] Nika uNkulunkulu udumo nje.

396 Uyakholwa, nenekazi, ngayo yonke inhliziyi yakho, uhlezi lapho na? Uyakholwa na? Hamba uyodla isidlo sakho sakusihlwa. Inkathazo yakho yesisu izokushiya, futhi uzoba kahle.

397 Inkathazo yakho yeqolo isisukile nayo futhi, dadewethu, ngakho-ke ungavele uhambe unqamule egunjini, futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyi yakho ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa. Uyakukholwa na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Hambe nje, umemeze, bese uthi, “Mayidunyiswe iNkosi!” Kulungile, ngayo yonke inhliziyi yakho.

398 Ukuguliswa yimizwa kuyinto embi, kodwa uNkulunkulu angakuphulukisa. [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Uyakukholwa

lokho na? Hamba nje, uthokoza, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi.” UNkulunkulu uyakusindisa.

³⁹⁹ Isisu esidala siyakukhathaza na? Hamba, udle. UJesu Kristu uyakusindisa. Yiba nokukholwa. Umhlane wakho uyakukhathaza. Akunjalo na? [Umuntu uthi, “Yebo.”—Umhl.] Hamba, kholwa. UJesu Kristu uyakusindisa. Yiba nokukholwa.

⁴⁰⁰ Ukuguliswa yimizwa na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? [Umuntu uthi, “Yebo.”—Umhl.] Hamba, uphulukiswe eGameni likaJesu.

⁴⁰¹ Uyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ngabe uJesu Kristu akasuye izolo, namuhla, naphakade? [Ibandla lithi, “Amen,” futhi liyajabula—Umhl.]

⁴⁰² Manje, uJesu wathi, “Okholwa kiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza.” Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, “Yebo.”—Umhl.] Manje, uJesu wakusho lokhu, “Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo?” [“Amen.”] Mangaki amakholwa alapha na? [Ibandla liyajabula.] Kulungile.

⁴⁰³ Bangaki abafuna ukuphulukiswa na? Phakamisani izandla zenu. Bese nibeka izandla zenu komunye nomunye. Ningamakholwa. Kunjalo. Uyaligcina iZwi laKhe. Niyakukholwa na? [Ibandla liyajabula—Umhl.] Uma uzokukholwa, uzobona into ethize yenzeka ongakaze uyibone phambilini, uma uzoyikhola.

⁴⁰⁴ Manje kothamisani amakhanda enu. Bekani... Ungazikhulekeli. Khulekela umuntu obeke izandla zakho kuye. Khuleka manje, ngobuqotho. Kholwa, ngobuqotho. Beka izandla zakho komunye umuntu bese ukhuleka. Manje ngizokhuleka, lapha.

⁴⁰⁵ Baba waseZulwini, siza eGameni leNkosi uJesu. Siza ngoba iZwi laKho liqinisekisiwe. Ukuthunywa kuqinisekisiwe. UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, usebukhoneni phambi kwethu, ngesimo sikaMoya oNgcwele. O Nkulunkulu, laba ngabantu baKho. Bahluphekile. USathane ubabophile. Bayazi ukuthi Wena ulapha. Isiqiniseko soBukhona baKho silapha, uJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade.

⁴⁰⁶ Sathane, uhluliwe empini. Phuma kubo, Sathane, eGameni likaJesu Kristu. Ngiyakuyala ukuthi ushiye lezi zethameli futhi uphume kulaba bantu, ukuze bakhululwe, eGameni likaJesu Kristu.

⁴⁰⁷ Uma ukukholwa, yima ngezinyawo zakho unike uNkulunkulu udumo. Lowo umqondo. Yilokho-ke. Phakamisani izandla zenu bese niMnika udumo. Kuqinisekisiwe! Vuma futhi ukholwe ukuthi ukuphulukiswa kwakho sekufikile. [Ibandla liyaqhubeka nokukhuleka nokujabula—Umhl.]



UKUQINISEKISWA KOKUTHUNYWA ZUL62-0122
(Confirmation Of The Commission)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrior Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMsombuluko usihlwa, ngo Januwari 22, 1962, e-Assembly Of God eTempe, Arizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2021 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org